

Joyce Meyer

Ukupholiswa
Abazinhliziyi Ezophukileyo



Ukuzwa Ngokubuyiselwa
Kwamandla
Ngamazwi Ka Nkulunkulu

Unless otherwise indicated, all Scripture quotations are taken from
THE AMPLIFIED BIBLE: Old Testament.

Copyright © 1962, 1964 by Zondervan Publishing House
(used by permission); THE KING JAMES VERSION; and from

THE AMPLIFIED NEW TESTAMENT

Copyright © 1958 by the Lockman Foundation
(used by permission).

Copyright © 2014 by Joyce Meyer Ministries – South Africa

All rights reserved. No part of this publication may be
reproduced, distributed, or transmitted in any form or by any means,
or stored in a database or retrieval system, without the prior written
permission of Joyce Meyer Ministries – South Africa.

Joyce Meyer Ministries – South Africa
PO Box 5, Cape Town, 8000

Phone: +27 (0) 21 701 1056
Website: www.joycemeyer.org

Go to tv.joycemeyer.org to watch Joyce's messages in a
variety of languages

Healing the Brokenhearted – Zulu

Not For Resale

OKUQUKETHWE



<i>Isingeniso: Izwi Lika Nkulunkulu</i>	4
1. Ukuzizwela Uthando Lwa Nkulunkulu	8
2. Ukuqinisekiswa Ngekusasa Lakho	16
3. Ukwazi Ngokulunga Kwakho KuKristu	24
4. Nqoba Ukwesaba Empilweni Yakho	32
Isiphetho: Sukuma Ngokushesha!	39
Ukuvuma Imibhalo	
Isingeniso: iZwi Lika Nkulunkulu *	40
Isahluko Soku 1: Uthando LukaNkulunkulu	41
Isahluko Sesi 2: Ikusasa Lakho	44
Isahlukoi Sesi 3: Ukulunga Kwakho kuKristu	47
Isahluko Sesi 4: Nqoba Ukwesaba	50
Isiphelo: Yima Ngokushesha	53
Umkhuleko Wensindiso	54
Ngoko Mlobi	55

ISINGENISO: IZWI LIKA NKULUNKULU



♥ Wathumela ngaphambili amazwi akhe ukuba nxephezela abangene emigodini kanye nasebhicongweni.

AMAHUBO 107:20

Izwi la Nkulunkulu liyasipholisa liphinde lisikhulule. Futhi liphakamisa izimpilo zethu.

Izwi lika Nkulunkulu linga kuguqula nawe. Kumahubo 1:1-3 uDavide waloba ukuthi Umuntu oqondayo emazwini imini Nobusuku uzothingxi njengo muthi otshaliweyo Phambi kwamanzi, kuko konke akwenzayo uyophumelela.

Ukutshalwa ngxi kukuzinza. ungazinza, kuko konke okwenzayo futhi ungaphumelela. Indlela yo kwenza lokho kungukuqonda Amazwi ka Nkulunkulu.

Ukuzeuqond e amazwi ka Nkulunkulu kumele udlulise konke oku semqondweni wakho, uphinde ucabange, iNkosi yathumela inceku Yayo uJoshua:

♥ Lencwadi yomthetho ayisoze iphume emlonyeni wakho; Uyicabange emini nase busuku, ukuthi uzokugcina, wenze loko oku lotyiweyo kuyo; uzo kwenza konke Okwenzayo kuzo kuba yimpumelelo Ekuhambeni kwakho, uzophumelela.

JOSHUWA 1:8

Duteronom 30:14 uthi, ♥ *“Kodwa Izwi liseduzane nawe, emlomeni wenu, nase zinhliziyweni zenu; ukuze ukhone ukwenza.”*

Ku Isaya 55:11 iNkosi isithembise, ♥ *“ukuthi Izwi layo kumele lihambe phambili emlonyeni yethu, ngeke libuyele kuYona ngaphandle kwemiphumela, kowdaliyojeza izidingo nalokho bengikuthanda.”*

Kwabasekorinte II 3:18 Umpostol Paula usifundisa ukubona inkazimulo yeNkosi, eZwini Lao, siya Phendulwa noma siyaguqulwa. Ingxenye yokuboniswa kwenkazimulo yeNkosi ibonakala kahle kakhulu futhi uneqhinga lethu lokuthi simkhonze.

uNkulunkulu uyasithanda, futhi uneqhinga elihle, eli khazimulayo, ngempilo zethu. Ekuqaleni kwale sahluko kwabasefeu, uPaula uthi uNkulunkulu ukunika kanjalo kuphela iqhinga, iqhinga, lensindiso ukuze kwaneliswe uthando nobukhulu bokusithanda kwakhe.

Loko kusho ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda futhi uneqhinga elihle, okhazimulayo ngawe nange mpilo yakho. Kufanele ukukholwe lokho futhi ukuvumele.

uSathane walinga ukubhidliza amaqhinga kaNkulunkulu. Wavivinya yonke impilo yakho ukuze uzizwe uyize noma ungasizi lutho. Yini? Ingoba angafuni ukuthi wena ukholwe ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda kakhulu. uSathane uyazi ukuthi ukuzwa iZwi kaningi uqedela ulikholelwa ngako konke okuphakathi empilweni yakho, nase mcabangweni wakho, lokho kuzaku shintsha. Ho lokho angafuni kwenzeke.

Kungako ngaloba lencwadi. Iqukethe imibhalo engcwele engikholwayo engaguqula isithombesakho, kanjalo nokuguqula ubunjalo kanye nekusasa lakho Ngokwe Bhayibhili.

Lithi wenziwa ngokomfanekiso kaNkulunkulu. (GENESISI 1:27). Ukukholwa lokho uNkulunkulu akushoyo ngawe. Kuguqula isimilo noku hamba kwakho. Zibuze wena, “ukuthi ucabangani ngawe? Imicabango yami ngami yeyiphi?” Zibuze futhi, “uNkulunkulu ucabangani ngami? Umbono kaNkulunkulu ngami yini na?”

Okuqatshwanga ngu Nkulunkulu nakusho ngawe ukuthola eZwini Lakhe. Umbhalo uyavumelana nalencwadi ukuthi iyokubuyisa

ikufake esivumelwaneni no Nkulunkulu esikhundleni sokuba nezitha. Mhlawumbi uSathane uyakukhohlisa yonke impilo yakhoene wakholwa ngaye. Manje kuyisikhathi sokukholwa kuNkulunkulu.

kuJohane 17:17, Jesu wathi lawo mazwi ka Nkulunkulu ayiqiniso, Ku Johane 8:32 uthi iqiniso lizakusikhulula. Hayi Izwi kuphela, Izwi kanye neqiniso, lizakusikhulula, ayoguqula ukubukeka kwethu kanye nesimilo sethu. Kungako kufanele ukuthi ulifunde, noku zifundisa lona, noku licabanga, uli vumele ukungena ekujuleni kwenhliziyo yakho.

Ku Krest ungazithembz, ugqwale injabulo, nokuba ngumqobi, ukuthi uthembeke, ube ngumngani kaNkulunkulu, noku funa ubuso buka Nkulunkulu.¹

Zivumele ngokwakho okushiwo nguNkulunkulu emazwini akhe ngawe. Uma wenza njalo, uNkulunkulu uzoqala ukusebenza empilweni yakho. Uzokuguqula enhlizweni ephukileyo, no kulimala,

Nalapho ubusaba ukuba ngumngane othembekile wakhe, lowo wamthandayo.

Ku Esaia 61:1-3 sifundelwa:

♥ uMoya weNkosi uNkulunkulu uphezu kwami; Ngokuba iNkosi yangigcoba ukuthi Ngishumaye, izindaba ezimnandi zevangeli. Ungithume ukuzopholisa abhliziyo ezophukile, Ukukhulula aboshiwe bakhululeke, noku Ngazise iziboshwa ukuvulwa kwetlango.

Ukumemezela unyaka womusa kaJehova, nelanga lembuyikezo zikanNkulunkulu wethu: Nokududuza abakhalayo bonke eZayoni.

1. Isisekelo kuleliqulo, “Ngizokuguqula Igama Lakho,” amzwi ngo B. J. Butler © Mercy Publishing. Isetyenziswe ngemvume.

Ukukhuzwa kulabo abakhalayo base Zayoni ukuze banikwe uqhele, owenjabulo Esikhundleni sobumnyama, ingubo yokukhanya endaweni womoya okhatheleyo, ukuze ba bizwe abalungileyo, nentsika sika Jehova esiza kudunyiswa.

Yebo, uNkulunkulu uyakuguqula. Uguqula izenzo zakho. Uguqula impilo yakho. uNkulunkulu uyakuthanda. Ungumuntu okhethekileyo. Isitha asifuni ukuthi uzwe ukuthi uthandwa nguNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu uyakuthanda.

Kulamakhosi alandelayo awuzufunda kuphela ngothando luka Nkulunkulu, Kodwa nokwazi isasa lakho, nokwazi ukulunga kwakho (ukuthi ungubani kuKrest), nokuhlula ukwesaba okungakuphazamisayo kuzo zonke izibusiso lezo uNkulunkulu afisa ukuzithela phezulu kwakho njenge nxenye yempilo esimangaliso ayilungiselele wena.

uNkulunkulu akubusise usaqala ukufunda iZwi layo lelo lingena kubuya li lingenzanga umsebenzi walo, Khepha lizakwenza intando Yakhe nentloso ka Nkulunkulu empilweni yakho!

1



UKUZIZWELA UTHANDO LWA NKULUNKULU

♥ Kodwa kwezo zinto zonke, siqoba ngokudlulisela, ngosithandileyo.

Ngoba ngazi kakhulu, noma kukufa, noma yimpilo, noma zingelosi, noma bubukhosi, noma yimibuso enamandla, noma izizinto ezikhoyo manje, noma izizinto ezisaza kwisikhathi esizayo,

Noma umphakamo, noma ubuzansi, noma sesiphi na isidalwa, akuna lutho eza kusihlukanisa nothando luka Nkulunkulu, elu kuJeso Kristu iNkosi yethu.

BAROMA 8:37-39

Kulelivesi umpostile uPaula usithembisa ngokunqoba kwethu loko kuku Krest osithandileyo, kungenani ukuthi sivelelwa yini.

Ku Johana 3:16 Jeso uthi, ♥ *“ngokuba uNkulunkulu usithande kangako, waza wasinikela ngeNdodana Yakhe ezelwe iyodwa, ukuthi ilowo nalowo okholwa Yiyo angabhubhiswa, khepha athole impilo engapheliyo.”*

U Jeso uyakuthanda, ngokwakhe, kakhulu ude wanikela ngempilo yakhe, ngenxa yakho, noma ibinguwe kuphela umuntu ehlabathini.

U Johana umfundi othandekayo usitshela ukuthi ♥ *“Akuna kwesaba ekuthandeni; kodwa uthando olu gqibelele luxosha ukwesaba; ngoba ukwesaba kwambelana okwehlwaya; khepha osabayo akagqibelelanga eluthandweni.”* JOHANAI 4:18.

Ukuba sino kwesaba ezinhliziyweni zethu, loko kusibonisa ukukhalinya ngemfundiso ka Nkulunkulu nangendlela asithande ngakhona.

Uma ubuwazi ubukhulu bo thando lwa Nkulunkulu, ngabe lixoshe ukwesaba konke.

Ku Johana 16:27 Jeso uthi, ♥ *“Ngokuba uBaba uyaniyhanda naye; ngokuba ningithandile, khepha nakholwa ukuthi ngisuka kuBaba.”*

Kunzima ukukholwa ukuthi uNkulunkulu ukunakekela kakhulu?

Eminyakeni eminingi bengingakwazi ukwamukela uthando lwa Nkulunkulu ngoba bengicabanga ukuthi angifanelwe lithando Lwakhe. Kodwa manje ngiyazi ukuthi uyangithanda, noma ngi ngalunganga.

Ku Johana 14:21 Jeso usikhumbuza, ♥ *“Ogcina umyalelo wami, nguye ongithandayo, khepha ongithandayo uzakuthandwa naye ngu Baba; nami ngiza kumthanda, ngizibonakalise ku Yena.”*

U Jeso ufuna ukuba ngu Yena ku wena.

Ukuzwa sisithelo sothando lwa ngempela, kodwa angeke ukwazi ukumthanda uNkulunkulu ngokwanele kanye nokumamukela, ngaphandle kokuba uqale wamukele uthando lwakhe. Anguke ulithole. Awungeke ulithenge ngemisebenzi emihle, nokulithenga ngezenzo ezintle.

Uthando lwa Nkulunkulu luyi siphosha mahala; ali linganiswa. Lizele Nxa yesiphosha lesa Jesu wasenza wasifela esiphambanweni. Zifunele uthando luka Nkulunkulu khona manje. Hlala ebukhoneni bakhe uthi, “ndivuma ukuthi uyangithanda, Nkosi, futhi ngiyalamukela uthando Lakho.”

Ku Johana 1 4:19, ♥ *“Siyamuthanda, ngokuba nguYena owasithanda kuqala.”* Mhlawumbe wena bese useduzane nokubuyela emuva njengoba nami ngenza kanjalo eminyakeni edlulile. Mhlambi ulingile ukumthanda kakhulu uNkulunkulu ukuze naye akuthande. Khepha buka lapha kuJohana I 4:19 futhi, ♥ *“Siyamuthanda, ngokuba nguYena owasithandayo kuqala.”*

uDavide bekazethemba ngothando lukaNkulunkulu lapho athi Kumahubo 36:7, ♥ *“Nkulunkulu, kuhle kanjani ukuqinisele ethandweni Lwakho! Hawu Nkulunkulu abntwana babantu ukuphepha kwabo ukubeke ngaphansi komthunzi wamaphikho akho.”*

Ndithanda ukuhlukaniselana nawe Amahubo 139.

uDavide ube enendlela ekhethekileyo yokukhulumisana kanye noNkulunkulu, nathi singenza kahle ukulandela emifanekisweni yakhe. Vuma ngomlomo wakho amazwi alamahubo:

♥ Jehova, uyicingile inhliziyi yami, futhi wazi konke ngami. Uyazi uma ngihlala, noma ngiphakama; wazi nomcabango wami, noma ukude nami. Ubheka nendlela zami, noma ngilala, uzazi zonke izindlela zami, futhi ungitshela lapho ngimele ukuma kanye nokuphumula khona. Sonke isikhathi uyazi ukuthi ngiphi. Uyazi nokuthi ngiyothini ngaphambili kokuthi ngikusho. Uyangikhokela futhi ungilandela ngemuva, ubeka isandla sakho sezibusiso phezulu kwekhanda lami.

Loku kuhle kakhulu, futhi kuyamangalisa kakhulu ukuthemba! Angeke ngisalahlekelwa umoya wakho! Angeke ngisabalekela kude noNkulunkulu wami!

Kuhle kanjani, Nkosiukubona ukuthi wena ucabanga ngami njalo nje! Ngeze ngize ngibale ukuthi kukangaki ngosuku inqondo yakho iguqukele ngakumina. Futhi umangivuka ekuseni, usacabanga nami!

AMAHUBO 139:1-7, 17, 18

Lokhu kunamandla!

Umprofethi Uisaya usitshela ukuthi uNkulunkulu ulindele ukuba muhle kuthina: ♥ *“Kungakho, iNkosi ukuba nomusa kuwe; kungako, eziphakamisela phezulu, ukuthi abe nomusa kuwe futhi akubonise uthando lakhe. Ngoba iNkosi unguNkulunkulu wo kulunga. Babusisiwe labo bonke abamulindele, naba bheke noku mlangazelela Yena!”* (ISAYA 30:18).

Cabanga ngalokho, uNkulunkulu ufuna ukuba nesikhathi kanye nawe ngoba uyakuthanda kanti futhi unguye okhethekile kuYena. uNkulunkulu ukuthanda kakhulu ngoba ubala aphinde alobe phansi ukuhluphaka kwakho. Ufaka izinyembezi ebhodleleni, abuye azilobe encwadini Yakhe. (PESELAME 56:8).

KuJohana 14:18 uJesu watshela abafundi bakhe, ♥ *“Angeke Mina ndanishiya nizi ngedama; ngiyobuyela kunina.”*

Kumahubo 27:10 uDavide waloba, ♥ *“Noma uBaba Nomama bangangishiya, iNkosi iyongamukela njengomtwana wayo.”*

Mhlawumbe uswela uthando lwemvelo lelo wonke umuntu alifisayo noma alifunayo; mhlawumbe nomndeni wakho ukulahlile. uNkulunkulu ufuna wazi namuhla ukuthi uthando Lwakhe lulukhulu, luphakeme futhi lunamandla, noku dlula kukulahlekelwa luthando lomunye umuntu. Mvumele akududuze aphinde apholise inhliziyi yakho ephukileyo.

Wena usongowo mndeni kaNkulunkulu. Ungumntwana Wakhe, Kanti futhi Uyakuthanda.

Kwaba - Efesu 3:17-19 Umpostoli Paula wakhulekela wena kanye nami:

♥ *“uKrest angene ahlale ezihliziyweni zenu ngokholo! Nijule niphinde nakhele eluthandweni, Ukuthi nibe namandla okuqonda nokubamba nabo bonke abangcwele ukuthi kuyini ububanzi nokuphama kanye nokuphakama nokujula; kothando lukaKrest, oludlula konke ukukwazi; ukuze nina nigcwaliswe ngobukhona bukaNkulunkulu!*

Yebo, uNkulunkulu uyakuthanda, futhi ukunakekele. Ukubheke ngezikhathi zonke. Uisaya 49:16 uthi uNkulunkulu Unomfanekiso wakho olotywe noma obhaliwe kuzo zombili izandla Zakhe.

KuJohana 15:9, uJesu wathi, ♥ “*Nje ngoBaba wangithanda mina, Nami nginithanda njalo. Hlalani eluthandweni lami.*”

Ukuthanda kangakanani uNkulunkulu?

♥ “Akekho noyedwa onothando olukhulu ukuthi adele impilo yakhe ngenxa yabangane bakhe” (JOHANA 15:13).

Akekho noyedwa onothando olukhulu ngawe.

uJesu ufuna ukuba nguMngani wakho. Wabeka phansi impilo yakhe ngoba efuna ukukuhombisa ukuthi ukuthanda kangakanani.

Kwabase - Roma 5:6 uPaula uyasikhumbuza: ♥ “*Sisebuthakathaka, ngesikhathi esasibekiwe uKrest wasifela zoni.*”

Ngesikhathi esibekiwe, uNkulunkulu wasibonisa uthando Lwakhe ngokuthumela uKrest ukuthi asifele thina sisezizoni.

Ivesi ka 7, uPaula uyaqhubeka uthi: ♥ “*Yinto le engavamanga ukuthi omunye anikele ngempilo yakhe esithubeni sendoda elungile, noma mhlawumbi indoda ehloniphekayo nethandekayo omonye angamufela naye.*”

Ekugcineni, kuvesi 8 uPaula ugcedela ngokuthi: ♥ “*kodwa uNkulunkulu walibonisa uthando Lakhe ngathi ngokuthi sizizoni, uKrest wasifela thina.*”

Hawu, sihlobo sami, Nkulunkulu uyakuthanda kakhulu. uMoya oNgewele ufuna ukukwembula uthando lukaNkulunkulu kuwena. Vula inhliziyu yakho wamukele uthando lukaNkulunkulu. Ukwamukela noma ukuphi nendawo. Akasoze akulahle futhi ngeke akujezise. (JOHANA 3:18).

Kwabase - Efesu 1:6 uPaula waloba ukuthi saba ngabamukelwayo

ngeSithandwa, iNkosi Jesu Krest. Ukulunga ngamandla ethu asiyiwona asenza abamulekile. Kungo Krest nje siba ngabalungile ukuza kuBaba.

♥ *“Kunjalo ukuphuphuma ukulunga kwakhu kuthina.”* Ibhayibhile ithi Kwabase - Efesu 1:7, *“uNkulunkulu wazisusa zonke izono zethu ngegazi leNdodana yakhe, ngayo sasindiswa; wuthululela kuthina ubucebi bomusa wakhe - usazi kahle futhi ke uzwisisa loko kusilungeleyo ngezinkathi zonke.”*

Naku kuIsaya 54:10 sayitshelwa: ♥ *“Izintaba zingasuswa namagquma angashukumiswa noma engesuswa, kepha uthando nomusa wami angeke ususwe kuwe, angeke. Isivumelwano sami sokuthula nokuphelela kwami kususwe, kusho iNkosi, Ozwelwano kuwena.”*

Kwabase - Korinte I 1:9 uPaula usikhumbuza ukuthi ♥ *“uNkulunkulu, uthembekile, kwizethembiso zakhe....”* Wethembisile ukuthi angeke akulahle uma usakholwa kuKrest, futhi ukuthembise ukukuthanda, futhi uyazigcina izethembiso Zakhe.

kuJohana 17:9, 10 uJesu wathi uqobo lakhe uyakukhulekela ngoba ungo Wakhe. uNkulunkulu wanikela ngawe kuYena, udunyiswa ngawe.

uNkulunkulu uyakuthanda. Yamukela lelothando.

Vuma kumahubo kaDavide:

♥ *“Yibusise iNkosi, Awu moya wami, nako konke okuphakathi kwami, busisa igama Lakhe elingwele!*

Yibusise iNkosi, Awu moya wami, ungakhohlwa zonke iziphso Zakhe.

Othethelela zonke izono zakho,

Olapha zonke izifo zakho,

Ohlenga impilo yakho emgodini nasenkohlakalweni,

Okwenza muhle, uhlonipheke, akombese ngothando nangomusa wakhe. AMAHUBO 103:1-4

Amavesi 5, 6, 8, 11-13, 17 uDavide ubonga iNkosi:

♥ “Ugcwalisa impilo yami ngako konke okuhle! Ubusha bami ububuyisa njengokhozi! Uyabahlulela labo bonke abaphathwe kabi...

Unomusa kulabo bonke abangafanelwa nguwona; uthata kade ukuzelwa ngulaka futhi ugcwele umusa kanye nothando. Akanaso isixhiba, noma athukuthele naphakade... ngoba umusa wakhe phezulu kwalabo abemesabayo noku mehlonipha mukhulu njengoba izulu nomhlaba. Uzesusile izono zethu kude kuthina njenge mpumalanga yehlukene kanye nentshonalanga. Unje ngoYise kuthina, unomusa kanye nozwelano kulabo bemesabayo.

...uthando lweNkosi lisuka kunaphakade kuya kunaphakade...

Futhi uDavide usitshela Kumahubo 32:10: ♥ “...uthando lwembethisa labo abayethembayo iNkosi.” Kumahubo 34:1-8 ulobile:

♥ Ngizoyibonga iNkosi akungena ndaba ukuthi kwezakalani na. Ngizohlala njalo ngikhuluma ngenkazimulo kanye nomusa Wakhe.

Ngizoziqenya ngokulunga kwakhe kimi. Bonke labo abajabhile maba khuthazeke. Basidumise iNkosi thina sonke, siliphakamise igama layo.

Ngiyakhala kuYena abuye angiphendule! Wangihlangula kuko konke ukwesaba kwami. Abanye babejubule kuloko abenzele kona.

Akwabo babengajabhiswanga! Le ndoda yakhala eNkosini - kepha iNkosi yona yamuzwa yamhlangula kuzo zonke inkinga zakhe. Ingelosi yeNkosi ibheka ibuye ihlangulele bonke abesaba iNkosi.

Awu, yizwani nibone ukuthi uNkulunkulu umuhle kangakanani! Zibonele wena ngendlela umusa wakhe wehlela phezu kwalabo abamethembayo.

uPetru usitshela ngokuthi uthando lusibekela izono eziningi (uPetru

I 4:8) uthando luka Nkulunkulu lusibekele ngakophila ngaphansi kwalo. Malibusise impilo yakho. Vuma loku njalo najlo, kaningi ngosuku, “uNkulunkulu uyangithanda.”

Qonda ngaphuzulu kombhalo kulesiqephu. Loku kuzithoba kwakho kuzokusiza ukwamukela okuvela lokho iNkosi ekulangazelela ukunika kona - ukuqinisekisa kothando olukhulu.

2



UKUQINISEKISWA NGEKUSASA LAKHO

Ngithanda ukwabelana kanye nawe eminye yemibhalo mayelana nekusasa elikhulu uNkulunkulu alihlele ngawe. Ngifuna wazi ukuthi ubalulekile kanti uNkulunkulu ebenenjongo emqondweni wakhe ngesikhathi ekudala.

Isihloko saleliculo, “Nginesiphelelo,” Umqambi ukusho ukuthi uyazi owadalelwa kona kumele akufezekise, loko ebekubekelwe nguNkulunkulu amukhethela futhi usebenza ngamandla amakhulu kuYena ngamandla kaMoya Wakhe. Lokho kuphela ngokuvuma, “Nginesiphelelo, futhi asiyisifiso nje ngoba ngiyazi ukuthi ngazalelwa sona lesikhathi, lesikhathi, isikhathi esifana nalesi.”¹

Kunjani ngawe? Ulibona njani ikussa lakho?

uNkulunkulu ufuna ukuthi ubenethemba, Kanti uSathane yena ufuna ukuba ungabi nethemba. uNkulunkulu ufuna ukuthi ucabange ngezinto ezinhle ukuze zenzeke empilweni yakho zonke izintsuku. uSathane naye ufuna ucabange, kodwa yena ke ufuna ucabange ngokujezisa kanye nokunencithakalo.

uMlobi we Zaga 15:15 uthi, ♥ “Zonke izinsuku zohluphekayo zinzima,

1. © 1993 Abantu abanesiphelelo (admin. Ngo WORD Music) all Rights Reserved. Asetyenziswe ngemvume.

kepha onhliziyo yakhe yenamile unedili njalo.”

Imicabango emibi ilindele okubi kwenzeke phambi kokuba kwenzeke. Lombhalo lona ubeka sobala ukuthi imicabango emibi yenza amalanga ethu aqedela azale zintsizi.

kuMahubo 27:13 uDavide uthi: ♥ *“bengiyoba yini mina uma ngangikholwa ukuthi ngiyoze ngibone ukulunga kukaNkulunkulu ezweni labaphilayo!” kwivesi elilandelayo uyasicenga, “Yima uthembe futhi ulindele eNkosini; yiba nesibindi ukhuthale uvumele inhliyo yakho incebeleke. Yebo, yema uthembele ulinde eNkosini.”*

kuJeremiya 29:11 iNkosi wembula injongo Yakhe ngathi:

♥ *“Ngoba ngiyayazi imicabango nenhloso enginayo ngawe, isho iNkosi, imicabango nenhloso yempilp enhle kanye nokuthula hayi ububi, ukukunikeza ithemba ekusaseni lakho.”*

Khumbula, ukuthi uSathane ufuna ungabi nethemba. Ufuna ubukeke ujabhile, ukulume unokujabha, wenze ungenathemba.

Kodwa lalela lamazwi anamandla alotshe nguDavide kuMahubo 42:11:

♥ *“Yini eyenza ukuthi udumale mphefumlo wami, yaluza phakthi kwami? Wethemba kuNkulunkulu ngoba ulinde ngokuzimisela kuYena, ngokuba ngisazokumdumisa Yena, engumsindisi wobuso bami, noNkulunkulu wami.”*

Ukuba nalombhalo ofihlakele ongcwele enhliziyweni yakho uyokunceda ukuthi ugcwale ukuthemba futhi nokujabula. Uzobonakala unethemba, ucabange unethemba.

Kwabase - Roma 5:5 uMpostoli uPaula uthi, ♥ *“Ithemba alisijabhisi tina, ngoba uNkulunkulu walithululela kuhti uthando Lwakhe ngoMoya oNgcwele okuthina.”*

Ngamanye amazwi, siyazi ukuthi uNkulunkulu uyasithanda ngokuba uMoya oyiNgcwele usifundisa kanjalo. Sibeka ithemba lethu kuYena

ngoba siyazi ukuthi uyasithanda futhi unekusasa alihlelileyo elihle ngathi. Uma ithemba nenjongo yethu zikuYena, asina kujabhiswa, lahlekiswa, noma siphoxeke.

kuMahubo 84:11 sifunda, ♥ *“Ngokuba iNkosi uNkulunkulu uyilanga nesiphophelo: iNkosi izokubanika umusa kanye nenkazimulo: akayi kubanqabela bona abhamba ngokulunga.”*

Kwaba seFiliphu 1:6 uPaula usithembisa ukuthi, ♥ *“Ngithembile, ngempela into yokuqala umsebenzi omuhle kimi uyafela kuzekube-usuku luka Jesu Kreste.”*

Kwaba seEfesi 2:10 uPaula uchaza isizathu esikhulu sokuthembisa:

♥ Singumsebenzi omuhle wakhe uJesu Kreste, sidalelwe imisebenzi emihle ayilungisela ngaphambili unkulunkulu ukuba sihambe ngayo.

Njalo ungazibuza, “uJehova unalo yini ithuba ngami futhi ngizolibona kanjani?”

Impendulo ikuMshumayeli 3:17: ♥ *“...Ngase ngithi enhliziyweni ya mi.”*

uNkulunkulu uyakwahlulela nolungileyo nomubi ngokuba kukhona lapho isikhathi sezindaba zonke nemisebenzi yonke. Ngalokho zithobe phansi kwesandla sika Nkulunkulu esinamandla ukuze asiphakamise ngesikhathi esifaneleyo. (UPETRU I 5:6).

KuHabakuke 2:2 uthi, uJehova wangiphendula wathi ulobe umbono, uwuqophe ezibhebheni ukuba kufundwe kalula. kulevesi eli, ♥ *“Kepha llezizinto angeke zenzeke manje. Kodwa isikhathi siyofika lapho lesi sisambulo siyofezekayo ngesikhathi esifanele. Kodwa uma kungezeki ngesikhathi, ungalahli ithemba, ngoba phela kuyo kwenzeka. Yiba nesineke! Angeke kudlule lesikhathi lesi sibekiweyo!”* (HABAKUKE 2:3).

Umbhalo kuma Heberu 6:18, 19 usitshela ukuthi izinto bezibhalwa ukuze zingeguqulwe, ♥ *“...uNkulunkulu akaqambi amanga ngazo*

ukuze sibe nenduduzo enamandla thina esibalekele ekulibambeni ithemba esilimuselweyo. Esinalo njengephunga lomphfumlo, eliqinileyo, eligxile, elinakuphakamiswa okwesihengo...”

Futhi noPaula uthi, ♥ “...Siyazi kwabamthandayo uNkulunkulu, kuko konke uzosenzela kube okuhle kulabo abasiziweyo yicebo lakhe.” (KWABASE - ROMA 8:28). Ekuqcineni encwadini yakhe yasesontweni laseFesu, uPaula usikhumbuza ukuthi, inhloso, yokusho, ♥ “kepha yena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunako konke esikucelayo nesikugondayo ngokwamandla asebenzakithi.” (KWABASE - EFESU 3:20).

uNkulunkulu ufuna ukuba uhlale ngethemba ngoba selungiselele ukukwenzela izinto ezinkulu kunalezo wena uzithembisa ngazo. Nomakunjalo uma ungenathemba njengoba usathana efuna ukuthi ubenjalo, okusho ukuthi awenzi lendima efunwa uNkulunkulu. Ekuqale ukuthi wenze yona, ukufaka ithemba lakho bese uyalindela kuye ukholwe njengoba enecebo lakho nasempilweni yakho themba lelocebo ngoba lisesimeni sokuthi luvele ngaphandle.

KwabaseFesu 1:11 uthi ngeNkosi Jeso Krestu, ♥ “kuYena esabelwa nguyeifa esakumiselwa ngaphambili ngokwesimilo salowo osebenza izinto zonke ngokunquma kwentando Yakhe.”

Khumbula umthetho kaNkulunkulu ngenceku yakhe uJoshuwa 1:8: ♥ “Lencwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wakho, kepha ubozijabulisa ngayo imini nobusuku kuba aqaphele ukwenza njengakho konke okulotshwe kuyo ngokuba lapha uyakuvumbulula indlela yakho, uphumelele kahle.”

Khumbula futhi kuDeteronomu 30:14 ithi, ♥ “Cha Izwi liseduze kakhulu nawe, lisemlonyeni wakho nasenhliziyweni yakho ukuba ulenze.”

KuIsaya 55:11 uJehova usikhombisa ukuthi kuvunywa kanjani izwi lakhe lizokusiza ukuletha inhloso yakhe iphumelele ezimpilweni zethu. Liyokuba njani izwi lami eliphuma emlonyeni wami: ♥ “Angeke libuyele kimi lingaka fezi lokhu engikufunayo. Liphumela

lapho engilithumela khona.”

Umlomo wakho unikezele uJehova akuvumele kube umlomo wakho. Qala ukukhuluma ngezwi lakhe, ngoba unekusasa elihle, nokuqonda okuhle, necebo elihle. Khuluma uvumelane noJehova, kungasiz' izitha.

Khumbula ukuthi ilowo naloyo unonkulunkulu omiselwe yena. Ucabanga ukuthi uzofana nami esikhathini esizayo? Usathane ufuna ucabange ngobubi ngasonke isikhathi, kunokuthi ucabange ngobuhle ngasonke isikhathi. Ufuna uqonde ngokuthi uzohamba esikhathi eside kangakanani, hayi ukuthi ubuyakude kangakanani.

Ingaba uzizwa udidekile kungathi ngeke uphinde uguquke? Themba kuJehova uzokuguqula ngaso sonke isikhathi. Amazwi Akhe asebenza ngamandla kuwe.

Deuteronoma 7:22 e re hopotsa hore Jehova Molimo wa hao, o tla falatsa ditjaba tseo pela hao butle.

Kwabase – Korinte II 3:18 uPaula uthi kepha thina sonke esibuka ngobuso obambuliwe inkazimulo yeNkosi inje ngasesibukweni siyoguqulwa sibe nje ngayo ♥ *“ukusuka enkazimulweni ukuya enkazimulweni.”*

Kwabase Roma 12:2 sifunda ngokuthi singalingisi lezizizwe, kodwa siguqulwe isimo ngokwenziwa ibeyitsha inqondo yenu ♥ *“Ukuze nibe nokuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu omuhle, nothandekayo ngokupheleleyo.”*

Kwabase Kolose 1:27 uPaula uchaza imfihlakalo yeminyaka enguKrest okuthi, ithemba lenkazimulo. Uyise wenu osezulwini unibona nikhazimula. Unombono ngani nina nikulo izinga lenkazimulo ngoba Uena wathumela uMoya Wakhe ukuthi uhlale kunina ukuthi lokho kufezeke.

Ngichaza leligama “nkazimulo” njengobonokalisa kwako konke ubukhulu bukaNkulunkulu wethu. Beka ithemba kuYena futhi

ukholwe ukuthi yonke lemiBhalo yenzelwe wena.

Funda, ngokholo, nangoku zimisela, ngokuseZwini ukuvuma. Yisho kuzwakale, “Ngiguqulwe ngoko kukaNkulunkulu umfanekiso ukusuka enkazimulweni okuya enkazimulweni.” (KWABASE-KORINTE II 3:18) “uKrest okimi uyithemba lami lokuba ngikhazimulwe ngokudlulisela. uMoya kaNkulunkulu uyangiguqula ngosuku kancane kancane. Impilo yami inokuqonda, uNkulunkulu unecebo elihle ngami.”

Khumbula, ngo KWABASE - ROMA 4:17; thina sikhonza uNkulunkulu o “*biza*” lezozinto ezingekho sele ngathi zikhona.

uNkulunkulu uthini ngathi eZwini Lakhe?

♥ “...Kepha nina niluhlanga olukhethiweyo, abapristi, isizwe esingcwele. Abantu abazuziweyo, ukubonisa imisebenzi emihle nokutshengisa amandla nokugqibelela kaLowo Wanikhipha ebumyameni, waniletha ekukhanyeni Kwakhe okumangalisayo.

UPETRO I 2:9

uNkulunkulu uhlose ukubonisa noma ukutshengisa, ukwembula apho ingabonwa khona, imisebenzi emangalisayo, amandla, kanye nokugqibelela lokho anecebo ngawe.

Funda ukuthi, “mina ngakhitshwa ebumnyameni ekuya enkazimulweni kaNkulunkulu ekhanyayo.”

Ukucabanga ngomfanekiso ohluphekileyo kungubumnyama. Ukungazithandi kwakho kungubumnyama. Ukucabanga ukuthi awunalutho noma awusi walutho kungubumnyama.

KuMalaki 3:17 siyafunda ukuthi thina siyibukhazi khazi beNkosi, singabakhe, incebo Yakhe ekhethekile. Yebo, wena ubalulekile, futhi unenjongo. Kuna lapho ufanele ufike khona. uNkulunkulu unecebo elikhulu ngempilo yakho. Unendima umele ukuyidlala emlandweni, kodwa umele kukukholo phambi kokuthi uyithole.

Ungathi, kodwa Joyce, “Ngihlulekile kaninginingi. Ngenze amaphutha

amaningi kakhulu, Ngiyazi ukuthi ngijabhise uNkulunkulu.”

KwabaseFilipi 3:13 uPaula wakuvuma ukuthi sele egqibelele, futhi washo ukuthi akanikeli:

♥ Angizibheki, bafobethu, ukuthi mina ngakuthola futhi ngakwenza ngawami amandla; kodwa okukodwa engikwenzayo: ukukhohla loko ekusele emuva ngibheke okungaphambili, Ngigijimela ukuzuza ixabiso lelo uNkulunkulu kuKrest uJesu asibizela kulona.

uNkulunkulu unecebo elihle ngempilo yakho. Lekela ukuphila kwisikhathi esidlulile. Yizwa Izwi leNkosi kuIsaya 43:18,19:

♥ Unga khumbuli izinto zakudala, kanti futhi ungazinaki izinto zakudala emandulo. Bhekani, ngiyokwenza okusha! Manje kuyoku vela kubonakale; ingaba awukuboni nokuqonda kanti futhi awuyi kukunaka? Yebo, ngiyokwenza indlela e nemifula kanye nemifula ehlane.

Ekugcineni, yizwa loko ekushiwo nguNkulunkulu kuwena kuIsaya 43:25: ♥ *“Yimi,ngisho, Mina owesula iziphambeko zakho ngenxa yakho angiyiku khumbula izono zakho.”*

uNkulunkulu ufuna ukukubona uyilokhu akulinganisele khona. Ufuna nokukubona ujabulele ukugcwala kwempilo enhle leyo akumiselo yona. Ukukhuthalele ngomusa nangobubele Bakhe ukususa zonke izinto ezimbi owazenza esikhathini esidlulile. Ukulungiselele wonke amaphutha lawo usezawenza esikhathini esizayo.

Akufanele uphile ngokuzesola kwesikhathi esedlule noma ngokwesaba ngekusasa. uNkulunkulu ukukhuthalele ukukusiza ngayo-yonke indlela ofuna usizo ngayo.

kuIsaya 40:31 usethembisa ukuthi ♥ *“...abamethambayo uJehova bathola amandla amasha bayo kukhuphuka ngamaphiko njengokhozi; bagijime bangakhathali, bahambe bangapheli amandla.”*

Kuyisiqinisekiso esimangazayo lesi sothando lukaNkulunkulu futhi

nesethembiso Sakhe sokufikelela izidingo zakho zosuku ngosuku.

uHlomile ngezethembiso Zakhe namacebo Akhe amahle, bhekana nekusasa ngethemba kanye nesibindi, unesiqiniseko ukuhti loko akuthembise khona Uyakwazi ukukufeza ka ditshepiso tse makatsang tsa hae le merero e ikgethileng ya hae tobana le bokamoso ka tshepo le tiisetso le boitshepo tseo a re tshepisiseng tsona hore o tla di phethahatsa. (KWABASE - ROMA 4:21).

Ungabheki emuva, bheka phambili, nyathela ngokukholwa. Khumbula, kunaloko ufanele ukufeze.

O seke wa tadima morao, tadima pele etswa ka tumelo.

Hopola o na le morero o halalelang o o
otlamehileng ho o phetha!

3



UKWAZI NGOKULUNGA KWAKHO KUKRISTU

Maje ngithanda ukwabelana kanye nawe imibhalo mayelana nokulunga.

Leli Qulo, “Ngenziwa olungileyo kaNkulunkulu,” likhuluma ngoku thunjwelwa emndelenini kaNkulunkulu nangokuma phambili kwesihlalo njengelungu lobukhosi Bakhe, uphelele kuye uJesu nendla lifa kanye Naye, ungena sono, uthengwe ngegazi Lakhe elihle.¹

Unguye olungileyo wena kuNkulunkulu kuKreste uJesu, njengo Paula waloba kwabase - Korinthe II 5:21: ♥ *“ngenxa yethu uNkulunkulu wamenza uKrest ukuba abe sisono ngoba Yena ebengazi sono, ukuthi Ngaye sibe Ngabangcwele thina Bakhe.”*

Amahubo 48:10 athi nge Nkosi ♥ *“kunjalo ukubongwa kwakho kuze kube sekugcineni komhlaba; Isandla sakho sokunene sigcwele ukulunga.”* Isandla sikaNkulunkulu silulelwe phezulu kwakho, sigcwele ukulunga.

Kwabase Korinthe I 1:8 uMpostoli Pawula uyasithembisa ukuthi

1. Amazwi nomqulo ngo Chris Sellmeyer © 1992 by Life In The Word, Inc.

♥ *“uyoku siqinisa nani kuze kube sekupheleni, ukuze ningabi namacala ngosuku lweNkosi yethu uJesu Kristu.”*

Uyazi ukuthiloko kuchaza ni? Loko kuchaza ukuthi uNkulunkulu ukubona usendaweni elungile manje. Namhla, ukuthole lapho akufuna khuna. Umelane nawe ukuthi akuvikele emangeni kaSathane, umkhohlisi waba fobethu. (TSHENOLO 12:10).

Uma ubeka ithemba lakho kuJesu Kristu, uNkulunkulu akakuboni unecala. Uzimisele ukukubonisa ukuthi umsulwa wena.

Entshumayelweni yase ntabeni uJesu watshela abalandeli bakhe:

♥ *“Babusisiwe abalambeke, bomela ukulunga ngokuba bayosuthiswa.”* (MATHEWU 5:6).

Ukuya ngokuka Jesu, njengomntwana kankulunkulu ozelwe kabusha, uvumelekile ukuphila endaweni lapho uzokujabulela umusa kaNkulunkulu. Unelungelo lokujabulela impilo. Sisipho sikaNkulunkulu leso kuwena.

Qala ukuvuma nale nkulumo: “Nginguye olungileyo kaNkulunkulu kuJesu Kristu.”

Mhlawumbe sewuthwale umthwalo uzama ukuzenza olungile kaNkulunkulu. Akuyona indlela leyo aukulunga okuza ngayo. Ukulunga, njenge Nsindiso, asiwo umsebenzi; kuyisipho. Yekela imizamo yakho ufunde ukwethemba kuNkulunkulu uthi adlulisele kuwena ukulunga kukaKristu.

♥ *“Phonsa Kuye imithwalo yakho, akayi kuvuma naphakade ukuba olungile azanyazanyiswe .”* (AMAHUBO 55:22).

Kwabase Roma 4:13 uPaula ukhuluma ngokulunga kuka Abrahama:

♥ ...singathini ngo Abrahama, uBaba wethu ngokwasenyameni? Ukuba uAbrahama wabekwa olungile ngenxa yemisebenzi yakhe emihle unako ukuzigabisa. Kodwa hayi phambi koNkulunkulu!

Zithini na iziBhalo? uAbrahama wakholwa kuNkulunkulu, ngenxa

yalokho wabekwa olungile.

Kulezi vesi 23 kanye no 24 uPaula usaqhubeka uthi:

♥ “Kepha, kwanikwa kuyena, bekunga lotshwalanga yena kuphela, Kodwa kanye nathi. Siyonikezwa ukulunga uma sikholwa ku, Nkulunkulu, owavusa uJesu iNkosi yethu kwabafile.”

Ngamanye amazwi, loko uPaula asitshela kona yilokhu sithola ukulunga ngokukholwa, hayi ngokwenza.

Uma sikholwa kuJesu Kristu, uNkulunkulu usibona njengabalungile. Kahle kahle, wenza isinqumo sokuthi asibone silungile kanye Naye ngenxa yegazi lika Jesu, unguNkulunkulu onamandla, futhi unelungelo lokwenza noma sesiphi isinqumo afuna ukusikhetha.

Ivesi lokuqala lekhasi elilandelayo, uPaula wenza fushane inkulumo yakhe: ♥ *“Ngoba, senziwa thina abalungile ngenxa yokukholwa,masibe nokuthula kanye noNkulunkulu ngayo iNkosi yethu uJesu Kristu.”* (KWABASE ROMA 5:1).

Okulunga akuzi ngemisebenzi yethu ebuthakathaka; iza ngomsebenzi ophethiwe kaJesu.

kuMahubo 37:25 uDavide waloba: ♥ *“Kade ngimusha manje sengimudala, angizange ngibone olungileyo eshiyiwe noma imbewu yakhe icela isinkwa.”*

Ngiyakholwa, ukuthi thina abazali, uma sizithathela ukulunga kwethu noNkulunkulu ngoKristu, ingane zethu ziyo zithathele loko kulunga.

Abantwana abakhuliswa ngabazali abazizwa benecala, beqalekisiwe, bengabalulekile bavamile ukuzithathela leyo mizwa kubazali babo.

Kunjalo, uma abazali beqonda futhi bekhola ukuthi uNkulunkulu unecebo elihle ngempilo zabo, ukuthi babekwe abalungile ngegazi likaKristu, kanti nezingane eziphila ngaphansi kwale loqiniso zizo sulelwa kukukholwa kwabazali bazo kanti futhi zizo amukela uJesu

kanye nazo zonke izethembiso Zakhe njenge zabo.

Izaga 20:7 usitshela ukuthi ♥ *“Indoda elungileyo ihamba ekupheleleni kwakhe, babusisiwe abantwana bakhe emva kwakhe.”*

kuMahubo 37:39 sifunda: ♥ *“Ukusindeiswa kwabalungileyo kuvela kuJehova, uYinqaba yabo esikhathini sokuhlupheka.”*

uJehova usehlangothini lakho, iZwi Lakhe liyiqiniso, futhi lisethembisa ukuthula, ukulunga, ukuvikelaka, nokunqoba phezu kwesitha.

Funda ukuvuma lesethembiso esibuya eNkosi esithola kuIsaya 54:17: ♥ *“...Asikho isikhali esenzelwe wena esiyokuphumelela, nalo lonke ulimi olukuvukelayo, liyokwahlulelwa, Lokhu kuyilifa lezinceku zikaJehova nokulunga kwazo okuvela kimi, kusho uJehova.”*

kuMahubo 34:15 uDavide usitshela ukuthi:

♥ Amahlo kaJehova akubona labo abalungile izindebe zakhe zikukho ukukhala kwabo.

Kahle kahle loko kusho ukuthi uNkulunkulu ukubhekile futhi ukulalele ngoba ekuthanda.

Kulezi vesi 17, 19 no 22 uDavide uyaqhubeka uthi:

♥ Uma olungileyo ekhala efuna usizo, uJehova uyamuzwa, Uyokubakhulula kuzo zonke izinhlupheko nenkinga zabo...

Ziningi izinhlupheko zolungile, kepha uJehova uyomkhulula kuzo zonke...

uJehova ukhulula umphefumulo wezinceku Zakhe, akekho kwabamethembayo uyokubhujiswa okanye abekwe icala.

Ukusuka ngaleso isikhathi wamukela uJesu njengo Msindisi uyakhula kuYena. Usengathi oseluhambane. Uma ukuyo indleleni yakho, uzakwenza amaphutha. Ukwenza kwakho akungekhe kuphelele,

kepha uma inhliziyo yakho iphelele eNkosini, ngiyakholwa Yena uzokubala njengomuntu ophelele uma usahamba lendlela.

KuIsaya 54:14 iNkosi ithi: ♥ *“Uyokumiswa ngokulunga uyokuba kude nokucindezelwa ngokuba akayikwesaba, novalo aliyikusondela kuwena.”*

Izaga 28:1 ithi: Kepha abalungileyo banesibindi njenge ngonyama. Uma wazi ukuthi ungueye olungileyo ngoKristu, uma unesambulo ngeqiniso mayelana naloku, asoze uphile ngokwesaba, noma ukwethuka, ngoba ukulunga kuletha isibindi:

♥ Ngokuba asinaye umpristi omkhulu Ongenakuonda nokuzwelana nobuthakathaka bethu kepha olingiwe kukho konke njengathi engenaso isono. Ngakhoke masisondele ngesibindi esihlalweni sobukhosi ukuba samukeliswe isihawu. Sifumana umusa wokusisiza ngesikhathi esifaneleyo. Ngakho sesilungisisiwe ngegazi lakhe siyakusindiswa ngaye olakeni.

KUMAHEBERE 4:15, 16

Sisondele esihlalweni sobuKhosingesibindi, hayingenxayokugqibelela kwethu kodwa ngokugibelela Kwakhe: ♥ *“Ngoba, manje siyeziwe amalungisa, ngegazi likaKristu, kukanganani siyakusindiswa nguYena olakeni lukaNkulunkulu.”* (KWABASEROMA 5:9).

Mhlahumbi impilo yakho yonke ubumangele ukuthi “Ngabe yini okubi ngami?”

Uma kunjalo, ngiyakwazisa izindaba ezimnandi **ungolungileyo!**

Manje kukhona oku **lungileyo** ngawe. Ngalokhu ngikhuthaza abantu ukuthi bakusho ngezinkathi zonke: Mhlahumbi angikho lapho ngimele ukuba khona, empa ke leboha Molimokepha ngibonga uNkulunkulu, angikho lapho bengijwayele ukuba khona. Ngilungile, futhi ngisendleleni yami.”

Khumbula, ukuthi inguquko ithatha isikhathi, futhi nawe ukuyona inguquko, uma usuguquka, uNkulunkulu uwubona nje ngomuntu

olungileyo.

Ulungile. Kulapho uNkulunkulu akubeke khona ngegazi likaJesu. Ukuguquka lokho okwenzeka empilweni yakho kukubonakala kobume bokulunga lokho uNkulunkulu asele akunike kona ngokukholwa.

Akadunyiswe uNkulunkulu! Kuna mandla loku!

Jwalokaha o amohela lerato la Molimo le ho loka ha hae, o tla lokolwa ho tshabo ya ho se amohelehe le ho se bolokehe.

Njengoba wamukela uthando lukanNkulunkulu futhi nokulunga, uyokhululwa ekungazithembini nokwesaba kokulahlwa.

Manje, yima futhi ukusho, “Nginguye olungile kaNkulunkulu kuye uJesu Kristu.” Ngikukhuthaza ukuthi uqale ukuvuma leloqiniso izikhathi zonke ngemihla.

Kwabase Roma 14:17 umpostoli Pawula usitshela ukuthi ♥ *“umbuso kaNkulunkulu awusiko inyama nokuphuza, kepha ungukulunga, nokuthula, nenjabulo emMoyeni oNgcwele.”* Ukulunga kuletha ukuthula, ukuthula kuletha injabulo.

Umangabe ubungena kuthula kanye nenjabulo, mhlawumbe ubungena sambulelo ekulungeni kwakho. uNkulunkulu ufuna ukukubusisa, mzimbeni kanye nasezimalini.

Noma kujalo, abaningi abanecala, abantu abathukiwe abamukeli impumelelo yeqiniso. iBhayibhili lisifundisa ukuthi abalungileyo labo abazi balungile, bayaphumelele futhi bangcinekile.

Uyazi ukuthi uthini na uNkulunkulu ngawe? kuMahubo 1:3, umuntu ozijabulela emthethweni noma imiyalelo yeNkosi unje ngomuthi otshaliweyo ngasemfuleni wamanzi. Othela izithelo zawo, ngesikhathi sawo, ogabunga lawo lingabuni, nakho konke akwenzayo uyokuphumelela kukho.

Qonda ngokulunga kwakho kuNkulunkulu, hayi kukho konke okubi

ngawe.

Njengokuba sabona, kuJoshuwa 1:8, ♥ *“Lencwadi yomthetho mayingasuki emlonjeni wakho, kepha ubozidla ngayo imini nobusuku ukuba uqaphele ukwenza njengalokho konke okulotshiweyo, ngokuba lapho uyoku boniswa indlela yakho uphumelele kahle.”*

Khumbula ukuthi kuMahubo 1:2, 3 athi uma uhlala uqonda ngeZwi likaNkulunkulu emini nasebusuku uyokuba njengomuthi otshaliweyo ngase mfulweni wamanzi othela izithelo zawo futhi uyophumelela kukho konke okwenzayo.

Cabanga ngeZwi futhi ukhulume iZwi. Uma uSathane ehlasela inqondo yakho, wena hlasela ngeZwi likaNkulunkulu. Khumbula, ukuthi uJesu wamoyisa uSathane ngokukhuluma iZwi, ethi ♥ *“Kulotshiwe”* (KULUKA 4:4, 8, 10).

Izaga 18:10 ithi, ♥ *“Igama leNkosi liyona inqaba, olungileyo ugijimela kulona, alondeke.”*

Amahubo 72:7 ithi: ♥ *“Olungileyo uyokuqhakaza kuhlale ukuthula, ize ingabikho inyanga.”* Yamukela ukulunga kwakho noNkulunkulu ukuze uqale ukuuqhakaza ngokuthula.

Ungacabanga, “kodwa ingaba kuzokwenzeka ni ngako konke okubi engakwenza?”

Ngifuna ukukukhumbuza ngamazwi akhulunye ngabantu bakaNkulunkulu njengoba kulotshiwe kumaHeberu 10:16-18:

♥ *Yilesi isivumelwano engizosenza nabo, emva kwalezo zinsuku, iNkosi ithi ngiyobeka imithetho yami ezinhliziyweni zabo, ngiyilobe enqondweni yabo.*

...Nezono zabo nobubi babo angisoze ngakukhumbula futhi. Kepha lapho kukhona ukuthethelelwa kwalokho akusadingi ukunikela ngenxa yesono.

Ngamanye amazwi, izono zakho sezisuliwe ne nesijeziyo sazo. uJesu

wenza umsebenzi waphelela, akukho ongakwenza ukuze wena ususe izono zakho. Into eyodwa ongayenza engajabulisa uNkulunkulu kuku amukela, ngokukhola, lokho afuna ukukunika ngoku khululekile.

kumaHeberu 10:19-20 uthi ngoJesu ngesihlabelo Sakhe wavula ♥ *“indlela entsha eya ekuphileni”* lapho. Sibanokukhululeka kanye nesibindi sokungena ebukhoneni Bakhe. ♥ *“ngamandla”* asegazini Lakhe. Akudingeki ukuthi kube nendwangu ezakuhlukanisa wena kanye noNkulunkulu.

Zindaba ezimnandi lezi!

Ungaza **ngesibindi** ubenobungane kanye noNkulunkulu ngoba isono sakho sisuliwe, sisusiwe, futhi sithethelelwe.

Jabula! Unguye olungile kaNkulunkulu kuKristu! (KWABASE KORINTHE II 5:21.)

4



NQOBA UKWESABA EMPILWENI YAKHO

Ingaba unokwesaba ngawe?

Kule liqulo, “Ungesabi ngane Yami,” iNkosi ikhuluma lamazwi okuphila:

“Ungesabi ngane Yami

Nginawe ngezikhathi zonke.

Ngizwa ubuhlungu

Futhi ngizibona zonke izinyambezi zakho.

Ungesabi ngane Yami

Nginawe ngezikhathi zonke .

Ngiyazi ukukunakekela

Loko kungokwami.”¹

kuThimothi II 1:7 umpostoli Paula ulobela umfundi wakhe omcane umcenga ukuthi angesabi ukusebenzisa isipho sakhe: ♥ *“Ngokuba uNkulunkulu akasiphanga umoya wobugwala, kepha wasipha owamandla, nowothando, nowokuzithoba.”*

1. © 1986 Some-O-Dat Music (Ihlelo Ngo WORD MUSIC) Awuna Malungelo. Asebenziswe ngemvume.

Khumbula lelo vesi. Yiqonde futhi uyiphindaphinde ngaso sonke isikhathi ulingwa ukuthi usabe noma uthuke.

Ukwesaba ukubuyi kuNkulunkulu, uSathane nguyena ofuna ukuthi ugwalise inhliziyo yakho ngokwesaba. uNkulunkulu unecebo ngempilo yakho. Yamukela icebo Lakhengokubeka ukukholwa kwakho kuYena. Khumbula, uSathane naye unecebo ngempilo yakho. Uwamukela icebo lakhe ngokwesaba.

Umqambi wamaHubo uDavide waloba, ♥ *“Ngamfuna uJehova wangiphendula wangikhulula kulo lonke uvalo lwami.”* (AMAHUBO 34:4).

uJesu nguye uMkhululi wakho. Njengoba ukhuthele ukumfuna ngakhoke, uzokuhlangula ekusabeni kwakho konke.

kuJohana 14:27 uJesu utshela abafundi bakhe abesabayo:

♥ *“...Inhliziyo zenu zingakhathazeki, ningazi vumeli ukuthi zisabe.”*

Loko kuchaza ukuthi kufuneka ube nokukhalipha umelane nokwesaba.

Amahubo 56:3, 4 uDavida uthi ngeNkosi:

♥ Mhla ngesabayo, ngiyothemba Yena. ngoNkulunkulu uyongisiza ngikudumise izwi Lakhe, ngokwethemba uNkulunkulu angiyikwesaba. Inyama ingangezani na?

kuIsaya 41:10 iNkosi ithembisa abantu bayo: ♥ *“ungesabi, ngoba Mina nginawe; ungabhaka bheki ngokwesaba nangokujabha, mina nginguNkulunkulu wakho. Ngizokunika amandla futhi ngikuqinise ebunzimeni, yebo, Ngizokusiza; yebo, ngizokuphakamisa ngikubuyise ngesandla sokudla ekulungeni.”*

Umlobi kumaHebheru 13:5 uyasixwayisa ukuthi masizame izikhundla nokuvikeleka, esikhumbuza:

♥ *“...ngoba uNkulunkulu uqobo Lwakhe wakusho, ukuthi , angeke asiyekele noma Asilahle ngaphandle kosizo. [Angekhe] ngaku,*

[Angekhe] ngaku, [Angekhe] ngaku yekela ungena sizo noma ngikulahle noma ngikujabhise [wena]! [Ngiyakwethembisa angeke]"

Kuvesi ka 6 ulobi uqubeka uthi, ♥ *“Singasho ngesibindi sithi, iNkosi ungumsizi wami; angiyi kwesaba lotho. Umuntu angandezayi mina?”*

Ukwesaba, kuchaza **ubufakazi bamanga obuvela ngathi buyiqiniso**. Isitha sifuna ukutshela ukuthi isimo sakho samanje bungubufakazi ukuthi ikusasa lakho buyohluleka, kodwa iBhayibhile lisifundisa ukuthi akunandaba ukuthi isimo sakho manje, sibhekeka sisibi kanjani, akukho okuhlula uNkulunkulu. (MARKO 9:17-23).

kuIsaya 41:13 satshelwa, ♥ *“Mina Jehova uNkulunkulu wakho ngiyokubamba isandla sakho sokudla, ngithi kuwe, Ungesabi; ngiyokusiza Mina!”* lokho kusho ukuthi awumele ukwesaba uma uzwa inzindaba ezimbi. Beka ukholo lakho kuNkulunkulu. Angenza zonke izinto zakho zibe zinhle.

Kwabase Roma 8:28 uMpostoli uPaula uyasikhumbuza ukuthi konke kubasebenzela kahle labo abamthandayo uNkulunkulu futhi ababizwe ngokwenhloso Yakhe.

kuIsaya 43:1-3 uthi: ♥ *“Kepha manje usho kanjena uJehova owakulandayo wena Jakobe nowakubumba wena Israyeli, uthi ungesabi ngokuba ngikuhlengile, ngikubizile ngegama lakho: ungowami. Lapho udabula emanzini, mina nginawe. Nemifula ayiyikukhula, lapho uhamba emlilweni awuyikusha, ngokuba nginguJehova unkulunkulu wakho. oNgcwele kaIsrayeli, umSindisi Wakho...”*

Funda ukuvuma lemiBhalo ekwesabeni, kuzwakale. Yisho kakhulu ngaphandle esibhakabhakeni uma uwedwa. Qala ukukusho emkathini ukuthi awuqondile ukuphila ngokwesaba. Ngokumemeza iZwi lika Jehova, utshela usathane ukuthi awuqondanga ukuletha impilo yakho ekucindezelweni.

Khumbula ukuthi ibhayibhili lithi ukwesaba kuyincindezelo. (KUJOHANA 4:18) uJesu wasifela ekucindezelweni, njengoba

sibona kwabaseFesu 3:12, 13: lapho uPawula esitshela ukuthi ngenxa yokukholwa kwethu nguJesu Kristu,

♥ ...sinesibindi sokungena. Ngiyakuncenga ukuthi ungajabhi...

kuMahubo 46:1, 2 siyakhunjuzwa ukuthi:

♥ uNkulunkulu uyisiphephelo sethu namandla ethu, ufunyaniswa elusizo ekuhluphekeni kwethu.

Kungako singesabi nokuba kuguqulwa umhlaba, nezintaba zidilikela ekujuleni kwamalwandle.

Isahluko sokuqala kuJoshuwa, uJehova uyaphinda, ngokukhuthaza uJoshuwa ethi ♥ *“Qina, ube nesibindi”* (vesi 6), emthembisa, ♥ *“uNkulunkulu wakho, unawe konke lapho uya khona”* (vesi 9). Ngako umele kukuthi ungesabi. Futhi umthetho weNkosi kuwena uyafana njengokuba ubunjalo kuJoshuwa.

uNkulunkulu unawe. Angeke akushiye noma akulahle (KUMAHEBHERU 13:5). Uhlala ekubhekile ngezikhathi zonke. (AMAHUBO 33:18). Unomfanekiso wakho kuzo zombili izandla Zakhe. (ISAYA 49:16). Ngako, awumelanga ukwesaba. Qina, ube nesibindi, ukuthazeke, ungesabi.

kuMathewu 6:34 entshumayelweni yakhe yasentabeni, uJesu ufundisa abafundi Bakhe uthi: ♥ *“Ningexhali malunga nekusasa, ngoba ikusasa lizo zixhalela lona. Ngoba lona linamaxhala alingene ngosuku.”*

kuMathewu 8:23-27 sifunda ngokuthi abafundi bathunjwa kanjani isivunguvungu olwandle: ♥ *“Wayesethi kubo: nesabelani nina, kuphi ukholwa kwenu na? khona lapho wavuka wakhuzwa umoya nolwandle, kwabakhona ukuthula okukhulu.”* (vesi 26).

kuLuka 12:25, 26 uJesu uyabuza, ♥ *“...kunisiza ngani ixhala? Kunilethela ni? Kungongeza usuku olulodwa empilweni yakho na? Angeke! Uma ukuxhala angeke kukwenze lokho okuncane okufanana naloko, kuyini ukuthi nixhale ngezinto ezinkulu na?”*

“Ningesabi”; washo uIsaya kusahluko 54:4; ♥ *“Awungeke usaphila ngamahloni. Amhloni obusha bakho nobuhlungu bobufelokazi akusoze kwakunjulwa naphakade, ngoba uMdali wakho uyokuba ‘ngumyeni’ wakho. uJehova wemiKhosi igama lakhe; uMhlanguleli wakho, oNgcwele kaSirayeli, uNkulunkulu wehlabathi lonke.”*

kuIsaya 35:4 siyafunda, ♥ *“Yishoni kwaba nezinhliziyo ezisabayo ukuthi qinani ningesabi: bhekani uNkulunkulu wenu uyeza ngokuphindisela, impindiselo izobe ivela kuye uNkulunkulu ozakusindisa.”*

Cela uNkulunkulu akunike amandla kumuntu wakho wangaphakathi, ukuthi akugcwalise ngamandla Akhe, ukuze wena

Unganikeli ekwahluleni sisilingo uqedele sonikele ekwesabani. (KWABASE EFESU 3:16).

Ngithanda ukuhlukaniselana nani sambulelo esikhulu uJehova angiphe sona mayelana nokwesaba, Uma uNkulunkulu ekhuluma kithina ngeZwi Lakhe uthi, *“Ungesabi,”* Akasilayeli ukuthi singezwi ukwesaba. Lokho akushoyo ngempela ukuthi uma uzizwa wesaba kulapho usathane akuhlasela khona ngokwesaba, ungabuyeli emuva boma ugijime. Kepha iyaphambili noma wesaba.”

Eminyakeni eminingi bengicabanga ukuthi ngiyigwala lapho ngifikelwa ukwesaba, manje sengifundile indlela yokuqeda ukwesaba, ukuthi ubhekane nakho ukuthwala uqhubekele phambili nakho futhi ukucindezele kakhulu wenze njengoba uJehova eshilo ukuthi wenze. Noma bekumele wenziwe noma wesaba.

kumaHubo 34:4 uDavide wathi eNkosini, ♥ *“Ngamfuna uJehova, wangiphendula, wangikhulula kulo lonke uvalo lwami.” futhi uJohane naye uyasikhumbuza ukuthi, “Akukho ukwesaba othandweni kepha uthando olupheleleyo luyokuxosha ukwesaba, ngokuba ukwesaba kunesijeziso, nowesabayo akaphelele othandweni.”* (JOHANA I 4:18).

Khumbula, uNkulunkulu uyakuthanda! Ngoba ekuthanda futhi

uyakukhathelela ngothando olugqibelele, ungaphila ngokukhululeka ekwesabani.

Mhlawumbi unokwesaba okuningi empilweni yakho kulesi sikhathi ubona ukuthi ukuhlala ngoku khulululeka yinto engasoze ifezeke. mayibe kunjalo, kukhona omele ukukukhumbula: uNkulunkulu angakhulula kuzo zonke inkinga zakho, uvamise ukwenza loko kancane kancane. Kepha, khuthazeka ngoba iNkosi isebenza kuwena, futhi izo kukufeza lokho. (KWABASE FILIPI 1:6).

♥ *“uJehova ungukukhanya kwami nensindiso yami, ngizokwesabani na? buza uMdumisi kwisahluko 27, ivesi 1.*

♥ *“Uma omubi eza efuna ukungi shabalalisa, bazokuwa phansi! Yebo, noma amasosha engimashesla, inhliziyo yami angeke yesabe! Nginethemba ukuthi uNkulunkulu uyoku ngisindisa.”*

Ku (v5) no (v6) uDavide uthi: uma inkinga zisiza, uNkulunkulu uyokumufihla. Uyokububeka elityeni eliphakeme, lapho izitha zakhe zingeke zimufinyelele khona. Manje uthi uyoletshela iNkosi isehlabelelo futhi uyokuculela iNkosi ngenjabulo enkulu.

Lokho uNkulunkulu wakwenzela iNkosi uDavide, nawe uzokwenzela. Unamandla okukukhulula ekwesabani konke.

Yizwa lawomazwi akhulunywa yingelosi kaJehova kuDaniyeli, wamethembisa ukuthi umkhuleko wakhe ngempela uzwakele:

♥ *“... Wayesethi ungesabi, Daniyeli, ngokuba kusukela osukwini lokuqala owabeka ngayo inhliziyo yakho ukuqonda nokuzithoba phambi kukaNkulunkulu wakho, amazwi akho azwakala, mina ngifikela ngenxa yamazwi akho.” (DANIYELI 10:12).*

uSathane uyozama ukukutshela ukuthi uJehova akawuzwanga umkhuleko wakho futhi angeke awuphendule. Khumbula ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyinkemba kaMoya. (KWABASE EFESU 6:17).

Ngenkemba yeliZwi woyisa noma wehlula isitha. Zifihle lezi ziBhalo enhliziyweni yakho, zichabange imini kanye nobusuku.

Ngezwi likaNkulunkulu khona uyokwazi ukuhlula isitha sakho. Uma nje wazi iZwi lika Jehova kuphela uzowabona ke amanga kasathane. Vuma izwi likaJehova, kuphela futhi lizokulethe ekuthuleni endaweni yokuhlula.

Mhlawumbe unokwesaba okukhulu ngokukhuluma nomunye onamandlangaphezulukwakho, Mhlawumbewabekwa icalangokuthile futhi uyazibuza ngalokho ukuthi umele ukuthi uthini ngokuvikeleka kwakho. Yizwani amazwi kaJesu kuLuka 12:11,12: ♥“*Uma beniletha enkundleni phambi... kwezinkokheli namanamandla... ningakhathazeki ngokuthi niyokuthini ukuzivikela, ngoba uMoya oNgcwele uzokunipha lokho nomele nikukhulume.*”

Uma ulingwa ukuthi unikele ekwesabeni, Phinda phinda aMahubo 23:1-6 njengokuvuma ukhohlo lakho eNkosini futhi nokukunikela kwakhe kuwena nokukubheka ngenkathalo:

♥ uJehova ungumalusi wami, angiyikwesaba.

Uyangilalisa emadlweni aluhlaza,

Uyangiyisa emanzini okuphumula.

Ubuyisa umphefumulo wami, uyangihola ezindleleni

Zokulunga

Ngenxa yegama lakhe.

Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa,

Angesabi okubi, ngokuba yena unami.

Intonga yakhe nodondolo lwakhe ziyangiduduza.

Ulungisa itafula phambi kwezitha zami,

Ugcoba ikhanda lami ngamafutha:

Indeba yami iyachichima.

Impela okuhle nomusa kuyangilandela imihla yonke yokuphila kwami,

Ngiyokuhlala endlini kaJehova kuze kube phakade.

ISIPHETHO: SUKUMA NGOKUSHESHA!



Kule ncwadi, ngiyabelana nawe imiBhalo mayelana ngothando luka a alihlelileyo ngawe, nokulunga kwakho kuKristu, kanti futhi nokukhululeka ekwesabeni.

Zonke izithembiso ezalotshwa kulemiBhalo kuyilifa lakho njengenceku kaNkulunkulu. Noma kunjalo, kumele wazi ukuthi usathane uyozama ukuthi akuntshontshe kuwe. Ngoba efuna ubuyeke ebugqileni.

Kungakho ke uMpostoli uPaula asitshela kwabase Galathiya 5:1 ♥ *“Ngakho-ke yimani niqine enkululekweni lapho uKristu wasikhulula, kanti futhi ningabe nisaboshelwa ejokweni lobuqgila.”*

Ezinye izinye izinto ezisisa empilweni yokuqoba singamaKristu yilezi ukungashumiswa, isineke, kanye nokubekezela:

♥ Masi, ngalahli ukuthemba kwethu ekunga nakwesaba, ngokuba kuthwele umvuzo omkhulu kanthi futhi nomuhle.

Ngoba uyakudinga ukungashukunyiswa isineke kanye nokubekezela, ukuze wenze futhi ufikelele intando kaNkulunkulu, ukuze uzuze loko sikuthembisiweyo.

KUMAHEBHERU 10:35, 36

uBaba wakho osezulwiniufuna ukuthi ujabulele kakhulu loko kwathengelwa wena ngegazi likaJesu Kristu. Zimisele. Yenza isigqibo khona manje ukuthi wena awungeke uyekele. Vuma iziBhalo kuleziqephu zilandelayo kufikela zibe yingxenywe yempilo yakho.

Hlala ukhumbule ukuthi uNkulunkulu uyakuthanda ngezikhathi zonke, nokuthi futhi kunempilo eZwini Lakhe.

UKUVUMA IMIBHALO



*Isingeniso: iZwi Lika Nkulunkulu **

uNkulunkulu walithumela iZwi Lakhe wangiphilisa wangihlangula ekufeni nase bubini. (AMAHUBO 107:20).

Ngibusisiwe mina ngoba angihambi ezindlele zabagwenxa kanye nezindibanelo zababi.

Kodwa ngizijabulela emithetweni yeNkosi, ngihlala ngiyicabanga ngayo emini nasebusuku.

Ngiyofana nomuthi otyalwe phambi komfula, ngilungele ukubeka izithelo ngesikhathi; amagqabi ami angeke abune; futhi konke engikwenzayo kuyoba yimpumelelo. (AMAHUBO 1:1-3).

Lencwadi yomthetho ayiyi kusuka emlonyeni wami, ngizo kuyicabanga imini kanye nobusuku, ukuze ngenze ngako konke okulotshiwe kuyona. Ngoba ngiyokwenza izindlela zami zibe yimpumelelo, ngiyoba ngohlakaniphile ngibe nempumelelo (JOSHUWA 1:8)

iZwi liseduzane kanye nami, nomlomo wami, nenqondo yami, kanti futhi nase nhliziyweni yami. (DUTERONOMI 30:14).

Liyokuba njalo iZwi likaNkulunkulu eliphuma emlonyeni wami aliyikubuyela kuYena lingafezi lokhu akufunayo, liphumelele kulokhu akuthume kona. (ISAYA 55:11).

Manje mina, ngobuso obubozile, ngiyaqhubeka ukuzibuka esibukweni inkazimulo yeNkosi, njalo ngiya guqulelwa emfanekisweni Wakhe ngendlela esheshayo ekusuka enkazimulweni ukuya enkazimulweni;

* Qaphela: umbhali uwenze ngathi akhulunya noma avunya nguweni lamazwi.

ngoko Moya weNkosi. (KWABASE KORINTHE II 3:18).

iZwi lika Nkulunkulu Liyiqiniso. Njengokuba ngilifunda futhi ngicabanga, ngizokulazi iQiniso, iQiniso lizoku ngikhulula. (JOHANA 17:17; 8:32).

Isahluko Soku 1: Uthando LukaNkulunkulu

Manje kizo zonke lezizinto nginguMqobi futhi ngingifumana ukwehlula ngaYe owangithandayo mina. Ngaba ngiyazi ngaphandle kokungabaza ukuthi ukufa noma ukuphila, kanye nezingelosi noma imimoya emkhathini, okanye izinto ezisaza kwenzeka, kanye namandla.

Nokuphakama, kanye nokujula, ngisho nako konke okudaliweyo akuyi kwazi ukungihlukanisa nothando lukaNkulunkulu lelo luku Kristu uJesu. (KWASEBAROMA 8:37-39).

Ngoba uNkulunkulu wangithanda kakhulu kangako wada wanginikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa, ukuze ngikholelwe kuYena ukuze nginga shabalaliswa, kepha ngibe nempilo engunaphakade. (JOHANA 3:16).

Ngokuba uNkulunkulu wangithanda, ngoba mina ngithanda uJesu futhi ngikhulwa ukuthi uvela kuBaba. (JOHANA 16:27).

Ngaba mina nginayo imithetho kaJesu futhi ngiyayigcina, ngiyamuthanda uJesu; ngokuthi ngithanda uJesu, ngizothandwa nguBaba Wakhe, noJesu uyongithanda kanti futhi abuye azibonakalise Yena kimi. (JOHANA 14:21).

Ngiyayithanda iNkosi, ngoba nguYena wangithanda kuqala. (JOHANA I 4:19).

Luhle kangakanani uthando Lakho, Awu Nkulunkulu! Ngizivikela ngalo futhingiyobeka ithemba lami phansi kwamaphikho Akho. (AMAHUBO 36:7).

Awu Nkosi, uyihlolile inhliziyi yami wakwazi konke ngami.

Uyazi uma ngihlala. Uma ukude nami Uyazi konke ukucinga kwami. Ungilungisela indlela phambi kwami, ubuye ungitshela lapho mangime khona nokuthi ngiphumule. Ngazo zonke izikhathi Uyazi lapho ngikhona. Wazi nalako ngizokusho ngaphambi kukuthi ngikusho. Uyangikhokela ubuye ungisale emuva, futhi isandla sakho sezibusiso siphezu kwekhanda lami.

Lokhu kuhle kakhulu, kuyamangaza ukuthi ungakukhola! Angingeke ngilahlekelwe nguMoya Wakho! Angingeke ngasuka kuWena, Nkulunkulu wami!

Kuhle kangakanani, Nkosi, ukubona ukuthi ucabanga ngami nkathi zonke! Ngisho angazi nokubala ukuthi ungcabanga kangaki ngosuku olulodwa. Noma ngi vuka ekuseni, usacabanga ngami! (AMAHUBO 139:1-7, 17, 18).

Inkosi ilindele ukungihawuhela; ngako uyaziphamisa Yena, ukuze abe nomusa kimi angibonise uthando Lakhe. uJehova unguNkulunkulu wokulunga. Ngibusisiwe mina ngoba ngilinda kuYena! (ISAYA 30:18).

iNkosi ayikungishiya mina ngiyinkedama, uyokubuyela kumina. (JOHANA 14:18).

Noma uBaba noMama bangangishiya noma bangilahle, iNkosi iyongithola. (AMAHUBO 27:10).

uKristu ngokholo lwami uhlala enhliziyweni yami! Kanti mina ngijulile ethandweni futhi ngakhele eluthandweni. Nginamandla okuqina nokuqonda nokubambelela kanye namakholwa onke kuyini ububanzi nobude nomphakamo kanye nokujula kwalo uthando.

Ukwazi uthando lukaKristu, olundlula ukwazi; ukuze ngigcwaliswe ngobukhona buka Nkulunkulu! (KWABASE EFESU 3:17-19).

uJesu uyangithanda njengoba uBaba emuthanda naye; mina ngiphila ngaphakathi kothando Lakhe. Naku ukulinganisa uthando analo ngami - uthando olukhulu lubonakala uma umuntu abeka phansi

impilo yakhe esithubeni somngane wakhe. (JOHANA 15:9, 13).

uNkulunkulu walibonakalisa uthando Lakhe kimi ngokuthi uma ngangisoni, uKristu wangifela. (KWABASEROMA 5:8).

Buyachichima umusa beNkosi kumina wazisusa zonke izono zamingegazi leNdodana Yakhe, ngayo ngasindiswa, ngabusiswa ngencebo yomusa Wakhe - ukuthi ungiqonda futhi uyakwazi okungifanele ngezikhathi zonke. (KWABASE EFESE 1:7).

Yebo izintaba zingahamba namagquma angususwa, kepha uthando lukaNkulunkulu nomusa Wakhe awuyi wami awuyikususwa kuwe, nesivumelwano sami asiyikususwa, kusho uJehova okuhawukelayo kususwa phezu kwami, nesivumelwano Sakhe sokuthula nokugqibelela asiyikususwangokuba uJehova unozwelwano kumina. (ISAYA 54:10).

uNkulunkulu uthembekile okungakho ke ngabizelwa ekuhlanganyeleni neNdodana Yakhe uJesu Kristu iNkosi yami. (KWABASE KORINTHE I 1:9).

Mbonge uJehova mphefumulo wami, konke okuphakathi kwami akubonge igama lakhe elingcwele.

Mbonge uJehova mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yonke yakhe, yomusa. Yena othethelela zonke izono zami, owelapha zonke izifo zami. Okhulula ukuphila kwami ekubhujisweni, okuqhelisa ngomusa nangobubele bakhe. (AMAHUBO 103:1-4).

iNkosi uyayigwalisa impilo yami ngokuhle! Ubusha bami buyavuselelwa njengobokhozi! Ubanika ukulunga labo bonke abangaphethwe kahle.

Unomusa futhi ulungile kulabo abawudingayo; uthatha kade ukuthukuthela kanti futhi unomusa nothando. Akabambi sixhiba, noma ahlale ethukuthele kude kube ngunaphakade ngiba umusa wakhe kulabo abesabayo naab muhloniphayo mukhulu njengekuba izulu liphakamile phezulu kamhlaba. Uzisisile izono zami kude

kunami njengokuba ipumalanga ikude kunetshona langa. Unje ngoBaba kumi unomusa nozwelano kumina ngoba ngibesaba Yena.

Ukuthanda kweNkosi kuvela kunaphakade ukuya kunaphakade. (AMAHUBO 103:5, 6, 8, 9, 11-13, 17).

Uthando lukaNkulunkulu lihlala kimi ngoba ngiyamethemba. (AMAHUBO 32:10).

Ngiyokudumisa uJehova kungena ndaba ukuthi kwenzakalani na. ngiyohlala njalo ngikhuluma ngenkazimulo nangomusa Wakhe. Ngiyoqosha ngokulunga Kwakhe kumina. Bonke abajabhile mababe nesibindi. Masidumise iNkosi thina sonke, siliphakamise igama Layo.

Ngoba ngiyakhala kuYena futhi angiphendule! Wangikhulula kuko konke ukwesaba kwami. Abanye bebejabulile kakhulu kuloko abenzela kona. Okabo ibingeyo nkangeleko yokujabhiswa noma ukulahlwa! Ngakhala kuJehova -Yona ke iNkosi yangizwa yangisindisa kuzo zonke ikinga zami. Ngoba iNgelosi yeNkosi ibheka nokukhusela bonke labo abesaba uJehova.

Ngabeka uNkulunkulu ekulingweni futhi ngabona ukulunga Kwakhe! Ngabona ngokwami umhawu Wakhe uhlela kulabo bonke abamethembayo Yena. (AMAHUBO 34:1- 8).

Isahluko Sesi 2: Ikusasa Lakho

Zonke izinsuku zohluphekayo zimbi, kepha mina inhliziyo yami yenamile nginedili njalo njalo. (IZAGA 15:15).

Ngiyoba yini mina, angikhawanga yini ukuthi ngizombona uJehova olingileyo ezweni labaphilayo.

Yeka, uma bengi ngathembanga ukubona okuhle kukaJehova ezweni labaphilayo. Lindela uJehova, uqine, inhliziyo yami ime isibindi. Yebo, ngilindela uJehova. (AMAHUBO 27:13, 14).

Ngokuba mina ngiyazi imicabango iNkosi eyicabangayo ngami, imicabango yokuthula kungeyona imicabango yobubi ukuba anginike

ithemba nekusasa elihle. (JEREMIYA 29:11).

Kungani udangale mphefumulo wami, uyaliza phakathi kwami? Ngiyo kwemethemba unNkulunkulu, ngokuba ngisazokumdumisa Yena, onguMsindisi wobuso bami noNkulunkulu wami. (AMAHUBO 42:11).

Ithemba alijabhisi, ngokuba uthando lukaNkulunkulu lutheliwe enhliziyweni yami zethu ngoMoya oNgcwele engawuphiwa. (KWABASEROMA 5:5).

Ngokuba uJehova unkulunkulu, uyilanga nesihlangu, uJehova ukupha udumo nomusa. Akayikubanqabela okuhle abahamba ngobuqotho. (AMAHUBO 84:11).

Ngithembile ngempela ukuthi owaqala umsebenzi omuhle kimina uyokuwafeza kuze-kube lusuku lukaJesu Kristu. (KWABASE FILIPI 1:6).

Ngokuba ngiingumsebenzi wakhe uJesu Kristu, ngidalelwe imisebenzi emihle ayilungiselele ngaphambili uNkulunkulu ukuba sihambe kuyo. (KWABASE EFESEU 2:10).

Kune sikhathi kuyo yonke into kanye nenjongo ngawo wonke umsebenzi esibekiwe. Ngiyazithobe ngaphansi kwesandla sikaNkulunkulu esinamandla, ukuze angiphakamise ngesikhathi esifaneleyo (UMSHUMAYELI 3:17; PETRO I 5:6).

Ngokuba abacebo kaNkulunkulu ngawesikhathi esimisiweyo, uphuthuma ekupheleni, awuyikukhohlisa, noma ngilibale ngilindile ngokuba uyakufika awuyikwaphuza (HABAKUKE 2:3).

Nginenduduzo enamandla mina engiyibalekele ekulibambeni ithemba engalimiseliweyo, enginalo njengephunga lomphefumulo. Liqinile lingena ngapha kumina ngesihenqo. (KUMAHEBHERU 6:18,19).

Ngoba engesabi futhi ngiyazi ukuthi ngiyamthanda uNkulunkulu konke kusebenzelana kakuhle, kumins engabizwa ngecebo Lakhe. (KWABASEROMA 8:28).

Kepha uNkulunkulu unamandla okwenza okukhulu, kakhulu kunakho konke engikucelayo noma engikucabangayo. (KWABASE EFESU 3:20).

uJesu ngabelwa kuye ifa , ngamukeliswa ngaphambili ngokwesimiso salowo osebenza izinto zonke ngokunquma kwentando yakhe. (KWABASE EFESU 1:11).

Lencwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wami, kepha ngiyoozidla ngayo imini nobusuku, ukuba ngiqaphele ukwenza njengakho konke okulotshiweyo kuyo, ngokuba lapho ngiyoku vulelwa indlela zami ngiphumelele kahle. (JOSHUWA 1:8).

Cha izwili seduzane kakhulu nami lisemlonyeni wami, nasenhliziyweni yami ukuze ngilenze (DETERONOMI 30:14).

Liyokuba njalo izwi likaNkulunkulu eliphuma emlonyeni wami: aliya kubuyela-neze kuYena lingafezanga lokhu alithume kona ukuze uphumelele . (ISAYA 55:11).

Kepha mina engiibuka ngobuso obambuliwe inkazimulo yeNkosi njengasesibukweni ngiyaguqulwa, ngibe nje ngalowo mfanekiso ngokuya enkazimulweni njengalokho kumi ngeNkosi enguMoya. (KWABASE KORINTE II 3:18).

Angilingisi lelizwi, kodwa ngiyaguqulwa isimilo ngokwenziwa ibeyitsha inqondo yami ukuze ngibe nokuhlolisisa okuyintando kaNkulunkulu, okuhle nokuthandekayo kuka Nkulunkulu, okuhle nokuthandekayo, nokupheleleyo. (KWABASEROMA 12:2).

Unkulunkulu wangazisa ukuthi iyini inkazimulo yalemfihlakalo phakathi kwabezizwe enguKristu, ophakathi, kwami, ithemba lenkazimulo. (KWABASEKOLOSE 1:27).

NjengoNkulunkulu, ngobiza okungekho ngokungathi kukhona, ngiyasho uthi mina ngililungu elikhethekileyo, umprista, isizwe esingcwele, abantu abazuziweyo. Ukuze ngishumayele ubukhosi baLowo owangikhipha ebumnyameni, ngangena ekukhanyeni

Kwakhe okumangalisayo. (KWASEROMA; PETRO I 2:9).

Ngokuba ngiweNkosi, kusho uJehova sebawoti, ngibe yimfuyo yami ngosuku engiyakulenza, wangihawukele, njengalokhu umuntu ehawukela indodana yakhe emkhonzayo. (MALAKI 3:17).

NjengoMpotile uPaula, angisho ukuthi mina uqobo sengikubambile; kepha kunye engikwenzayo ngikhohlwa okungasemuva ngizelulele kokungaphambili. Ngibheke emhlo melweni wokubizwa okukhulu kwaphezulu nguNkulunkulu kanye noJesu Kristu. (KWABASEFILIPHU 3:13, 14).

Angisa zikhumbuli izinto zakudala; noma ngizinake. Bheka, iNkosi yenza okusha! Iyavelela manje; ngiyabona ngiyazi futhi ngiyaqaphela. Uyongenzela indlela ehlane nomfula wamanzi. (ISAYA 43:18, 19).

Ngba mine ngingo Wakhe, Inkosi iyosula iziphambeko zami ngenxa Yakhe, Akayi kukhumbula izono zami. (ISAYA 43:25).

Ngoba ngilinda eNkosini futhi ngiyamethemba uJehova ngiyokuthola amandla amasha. ngiyokukhuphuka ngamaphiko njengo khozi ngigijime ngingakhathali, ngihambe ngingapheli amandla. (ISAYA 40:31).

Ngiqinisekile ukuthi uNkulunkulu uyakhona futhi unamandla okugcina iZwi Lakho nalokho angithembise lona, ngoba kunaloko engimele ukukwenza. (KWABASEROMA 4:21).

Isahlukoi Sesi 3: Ukulunga Kwakho kuKristu

Ngenxa yami uNkulunkulu wenza uKristu abe yisono ongasazanga wazi isono, ukuze kuYena ngenziwa ngaba ngolungileyo kuNkulunkulu. (KWABASEKORINTE II 5:21).

Njengalo igama Lakho, Nkulunkulu, kunjalo ukubongwa kwakho kuze kube sesikhawulweni somhlaba isandla sakho sobunene singcwele ukulunga. (AMAHUBO 48:10).

Yena uyongiqinisa kuze kubesekupheleni ningenacala ngosuku lweNkosi yethu uJesu Kristu. (BAKORINTE I 1:8).

Ngibusisiwe mina engilambeke, futhi ngomela ukulunga ngokuba ngiyokusuthiswa. (MATHEWU 5:6).

Phonsa phezu kukaJehova umthwalo wakho, uzakuwuphasa, akayikuvuma naphakade ukuba olungileyo azanyazanyiswe. (AMAHUBO 55:22).

iBhayibhile lalotshwelwa ngenxa yami futhi, ngiyokubalelwa khona, mina engikholwa Nguye owavusa uJesu iNkosi yami kwabafileyo. (KWABASEROMA 4:24).

Ngakho lokho, ngabekwa olungile ngokukholwa, nginokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yami uJesu Kristu. (KWABASEROMA 5:1).

Ngoba ngingolungileyo ngihamba ekupheleleni kwami, babusisiwe abantwana bami emva kwami! (IZAGA 20:7).

Ngoba ngilungile, uJehova uyintsindiso yami, ngokuba uyingqaba yami esikhathini sokuhlupheka. (AMAHUBO 37:39).

Asikho isikhathi esenzelwa mina esiyakuphumelela, nalo lonke ulimi elingivukelayo ngokuba luyokwahlulelwa, lokhu kuyilifa lami njenge nceku kaJehova; loku kulunga okuvela kuYena. (ISAYA 54:17).

Ngoba ngilungile, amahlo eNkosi abheke mina, Izindlebe Zakhe zikukho ukukhala kwami. Uma mina olungile ngikhala kuJehova uyangizwa? Uyongikhumbula kuzo zonke izinhlupheko zami. Ziningi izinhlupheko ezingihlelayo olungileyo, Kepha uJehova uyongikhulula kuzo zonke. uJehova ukhulula umphefumulo wami ngoba ngiyinceku Yakhe, futhi angiyi kuba necala ngoba ngiyamethemba. (AMAHUBO 34:15, 17, 19, 22).

Ngiyokumiswa ngokulunga, ngiyokuba kude nokucindezelwa ngokuba angiyikwesaba futhi ulothuko aliyikusondela kumi. (ISAYA 54:14).

Ngokuba ngilungile, mina ngenesibindi njenge ngebhubezi. (IZAGA 28:1).

Anginaye uMprista Omkhulu Lowo okwaziyo ukuqonda kanye

nokuzwelana kanye nemizwa nobuthakathaka bami nokulingwa kwami, kodwa lowo owalingwa njengami, kodwa engenaso isono.

Ngaphandle kwevalo ngiyasondela esihlalweni somusa, ukuze ngitholiswe umuhawu kanye nomusa ukundisiza ngesikhathi esilungile mangikudinga. (KUMAHEBHERU 4:15, 16).

Ngakhoke, ngoba ngenziwa ilungisa ngegazi likaKristu, ngiyokusinda ngaye elakeni luka Nkulunkulu. (KWABASEROMA 5:9).

Ukujabula kwami nomnqweno wami kusezilulekweni zeNkosi, futhi emthethweni Wakhe. Ngiyohlala ngiwucabanga imini kanye nobusuku.

Ngiyoba njengomuthi otshaliweyo ngasemfuleni, ngilindele ukuthela isithelo ngesikhathi; iqabunga lami alibuni, nakho konke engikwenzayo kuyokuba yimpumelelo. (AMAHUBO 1:1-3).

Lencwadi yomthetho mayingasuki emlonyeni wami, kepha ngiyoozidla ngayo imini nobusuku, ukuba ngiqaphele ukwenza njengakho konke okulotshiweyo kuyo, ngokuba lapho ngiyoku vulelwa indlela zami ngiphumelele kahle. (JOSHUWA 1:8).

Igama lika Jehova lingumbhoshongo onamandla; njengo muntu olungileyo ngiyogijimela khona ukuze ngilondoloke. (IZAGA 18:10).

Ezinsukwini Zayo inkosi mina olungileyo, ngiyokuqhakaza futhi ukuthula kwami kuyokwanda ize ingabibikho inyanga. (AMAHUBO 72:7).

Yilesi isivumelwano lesu uNkulunkulu asenzile kanye nami: uwufakile umthetho Wakhe enhliziyweni yami, wawuloba enqondweni yami.

Izono zami nobubi bami Akasoze wakukhumbula. Ngoku lapho kukhona ukuthethelelwa kwami. Akusadingeki ukuthi nginikela ngenxa yesono. (KUMAHEBHERU 10:16-18).

Ngine nkululeko nesinesibindi sokungena endaweni eNgcwele egazini likaJesu.

Ngendlela entsha angivulela yona, edabula isiheqo, okungukuthi, ngokwenyama Yakhe . (KUMAHEBHERU 10:19, 20).

Ngenxa yami uNkulunkulu wenza uKristu abe yisono ongasazanga wasazi isono, ukuze kuYena ngenziwa ngaba ngolungileyo kuNkulunkulu (BAKORINTHE II 5:21).

Isahluko Sesi 4: Ngoba Ukwesaba

Ngokuba uNkulunkulu akangiphanga umoya wobugwala, kepha owothando namandla, nokuzikhuza. (THIMOTHI II 1:7).

Ngamfuna uJehova wangiphendula, wangikhulula kulo lonke uvalo lwami. (AMAHUBO 34:4).

Angiyivumeli inhliziyi ikhathazeke, noma inhliziyi yami yesabe. (JOHANA 14:27).

Mhla ngesabayo, ngiyokuthemba kanye nesibindi eNkosini. Kodwa Nkulunkulu ngiyakudumisa iZwi Lakho; umuntu, inyama ingangenzani na mina? (AMAHUBO 56:3, 4).

Ungesabi ngokuba uNkulunkulu unami; angibheka bheki ngokwesaba noma ukujabha, ngoba unguNkulunkulu wami. Uyoku ngiqinisa futhi Uyokusiza; yebo Uyokusekela ngesandla sobunene sokulunga. (ISAYA 41:10).

uNkulunkulu wathi, angisoze nganishiya okanye nginiyekele ngaphandle kosizo. [**Angekhe**] **Ngi**, [**Angekhe**] **Ngi**, [**Angekhe**] **Ngi** ngaphandle kosizo! Ngiyosho ngesibindi, sithi iNkosi inguMsizi wami; Angiyikwesaba, umuntu angangenzani na? (KUMAHEBHERU 13:5,6).

uJehova unkulunkulu wami, uyobamba isandla sami sobunene; uyiNkosi, uthiku mina, ungesabi; Mina ngiyokukusiza. (ISAYA 41:13).

Ngiyazi ukuthi, konke kusenzela kube okuhle, kumina ngoba ngithanda uNkulunkulu futhi ngibiziwe ukuya ngecebo Lakhe. (KWABASEROMA 8:28).

uJehova owangidalayo uthi, ungesabi, ngokuba mina ngikuhlengile; Ngakubiza ngegama lakho; Ungowami. Lapho udabula emanzini nase bunzimeni, Mina ngiyoba nawe. Uma uhamba ngasemifuleni yobunzima awuyikukhukhuleka! Lapho uhamba emililweni awuyikusha—amalangabi angekhe akushise. Ngokuba nginguJehova uNkulunkulu wakho, uMsindisi wakho. Ngiyokunika igibhithe ibe yintlawulo yakho, oNgcwele kaIsrayeli. (ISAYA 43:1-3).

Angiyi kwesaba, ngoba ukwesaba kunesijejiso. Ngiyoba nesibindi sokungena ngingena kwesaba. Ngako ke angidangali. (JOHANA I 4:18; KWABASEEFESU 3:12, 13).

uNkulunkulu uyisiphephelo kanye namandla ami, usizo lwami oluhlala lukhona kusikhathi senkinga ngako angiyikwesaba mina, noma umhlaba ungaguquka noma izintabazishukume phakathi kwamalwandle. (AMAHUBO 46:1, 2).

Ngiyoqina ungime isibindi, ngingesabi, ngingabi nolualo, ngokuba uJehova uNkulunkulu wami unami lapho ngiyakhona. (JOSHUWA 1:9).

Angiyi kewsaba; ngoba iso likaJehova liphezulu kwami ngoba ngiyamesaba, ngoba ngilinda Kuye futhi ngithembela emuseni Wakhe nasethandweni Lakhe. (AMAHUBO 33:18).

Angikhathazeki futhi ngihlala ngomusa, ngokuba ingomusa likhathalele okwayo. Inkathazo yosuku yanele lona. (MATHEWU 6:34).

Angesabi ngokuba angiyikujabhiswa, ihlazo lobusha bami nomuhlungu bobufelokazi angeke busakhunjulwa, ngoba uMdali wami uyokuba “nguMyeni” wami.

uJehova wemikhosi igama Lakhe; uNkulunkulu wehlabathi lonke. (ISAYA 54:4).

Uma ngilingwa ukuthi ngibe nenhliziyo ethukileyo, Ngithi kimi, qina ungesabi! Bheka, uNkulunkulu wami uyokuza ngokuphindisela;

Ngoku mpindisela Yakhe uyokuza angivikele. (ISAYA 35:4).

Angesabi ngoba uNkulunkulu wanginika incebo yenkazimulo Yakhe ukuze ngiqiniswe ngamandla kumuntu ongaphakathi ngoMoya oNgcwele. (KWABASE EFESE 3:16).

Ngiyodumisa uJehova kanye, ngiphakamise igama Lakhe kanye-kanye. Ngamfuna uJehova wangiphendula, wangikhulula kulo lonke uvalo lwami. (AMAHUBO 34:3, 4).

Angesabi mina ngoba akukho ukwesaba othandweni kepha uthando olupheleleyo luyaxosha ukwesaba, ngokuba ukwesaba kunesijeziso. Angesabi ngoba sengiphelele othandweni. (JOHANA I 4:18).

uJehova ungukukhaya kwami noSindiso lami, ngizakwesaba ni na? uJehova uyingqaba yokuphila kwami, ngizokuba novalo ngobani na? Noma impi imisa ngakimi, inhliziyi yami ingesabi!

Nginethemba ukuthi uNkulunkulu yongisindisa mina.

Uma izinkinga zisiza, iNkosi uyongifihla. Ngokuba uyongibeka edwaleni eliphakeme lapho izitha zami zingayi kufinyelela khona. Ngayo kumlethela iminikelo futhi ngihlabelele amahubo kuYena ngenjabulo enkulu. (AMAHUBO 27:1-3, 5, 6).

Angiyi kwesaba, ngokuba kusukela osukwini lokuqala ngabeka ngalo inhliziyi yami ukuqonda nokuzithoba phambi kukaNkulunkulu wami, uNkulunkulu wathumela Ingelosi Yakhe ngenxa yamazwi ami. (DANIYELI 10:12).

Kepha nxa bengiqhubela emasinagogeni, nakubabusi nakuzo zonke iziphathi mandla, Angiyi kukhathazeka ngokuthi ngiya kuziphendulela kanjani nangokuthini, ngoba uMoya oNgcwele uyokunginika amazwi engifanele ukuwakhuluma. (LUKA 12:11).

uJehova unguMalusi wami, angiyikwaswela. Uyangilalisa emadlelweni alihlaza: Uyangiyisa emanzini okuphumula. Ubuyisa umphefumulo wami: Uyangihola ezindleleni zokulunga ngenxa yegama lakhe.

Noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, Angesabi okubi: ngokuba Yena unami; Intonga Yakhe nodondolo Lwakhe ziyangiduduza.

Ulungisa itafula phambi kwami! Ebusweni bezitha zami: Ugcoba ikhanda lami ngamafutha; Indlebe yami iyachichima. Impela okuhle nomusa kuyangilandela imihla yonke yokuphila kwami: Ngiyokuhlala endlini kaJehova kuze-kube phakade. (AMAHUBO 23:1-6).

Isiphelo: Yima Ngokushesha

Ngikwema ngiqine ngokuba ekukhululekweni loko uKristu wangenzela kona, futhi angiyi kuphinde ngibopheleleke kwijokhwe lobugqila. (KUMAGALATI 5:1).

Angiyi kulahla ukungesabi kwami, ngokuthwele umvuzo omkhulu nokhazimulayo kakhulu wami. Ngoba nginesikhulu isidingo sokuthembeka sokuba nesineke kanye nokubekezela, ukuthi ngenze okuyintando kaNkulunkulu, ukuze ngithole lokho engiku thembisiwe. (KUMAHEBHERU 10:35-36).

UMKHULEKO WENSINDISO



UNkulunkulu uyakuthanda ufuna ukuba nobuhlobo kanye nawe. Uma ungamamukelile uJesu Krestu njengo Msindisi wakho, lokhu ungakwenza manje. Vulela uJesu inhliziyu yakho ube se usho lomkhuleko...

“Baba, ngiyazi ukuthi ngonile kuwena. Ngicela ungithethelele. Ngigeze ngibe mhlophe. Ngiyathembisa ukuthi ngizothembela kuJesu, iNdodana yakho. Ngiyakholwa ukuthi wafa endaweni yami-wathabathela emahlombeni akhe isono sami ngesikhathi efa esiphambanweni. Ngiyakholwa ukuthi wavuswa kwelabafileyo. Ngiyayinikela impilo yami kuJesu manje.

Ngiyabonga, Baba, ngesipho sakho soxolo nokuphila okuphakade. Ngicela ungisize ngiphilele wena. Egameni likaJesu, Amen”

Njengalokhu okukhulekile enhliziyweni yakho, uNkulunkulu usekwamukele, ukugezile wakukhulula kumaketanga okufa emoyeni. Thatha isikhathi ufunde lemiBhalo, umnxuse uNkulunkulu akhulume nawe usahamba kanye naye kuloluhambo olusha.

NgokukaJohane 3:16

1 KwabaseKorinte 15:3-4

Kwabase-Efesu 1:4

Kwabase-Efesu 2:8-9

1 KaJohane 1:9

1 KaJohane 4:14-15

1 KaJohane 5:1

1 KaJohane 5:12-13

Khuleka kuNkulunkulu akusize uthole isonto elikholwa iBhayibheli lapho uzosizwa ukuthi ukhule kubuhlobo bakho noKrestu. UNkulunkulu uhlala njalo enawe sikhathi sonke. UNkulunkulu uzokuhola nsuku zonke akubonise ukuthi ungakuphila njani lokhu kukuphila obuchichimayo akuphe kona.

NGOKO MLOBI



JOYCE MEYER wafundisa ngeZwi likaJehova ngo 1976 ngesikhathi sonke, wafundisa nango 1980. Ungumthengisi omuhle futhi ungumbhali, owabhala izincwadi ezingamashumi ayisithupha (60) kuyizincwadi ezingcwele umhlaba wonke, Ukulwela Ukuthula, Ungamuzwa kanjani uJehova, Ukwazi ukuhlangana noJehova, Indawo yokulwela emqondweni. Wenza namakhasethi ayinkulungwane okufundisa nendawo epheleleyo yamaVideo. uJoyce une izinhlelo radio kanye televion ezibizwa Enjoying Everyday Life ezisakazwa kumhlaba wonke, futhi uhamba kakhulu uphatha nemihlangano. uJoyce nomyeni wakhe, uDave, bangabazali babantwana abane (4) abakhulileyo futhi bahlala e St. Louis, Missouri.